

IZWE LIPHINDE

LIYAPHLAKAZEKA FUTHI

✉ Amen. INkosi inibusise. Ningahlala phansi. Kuzwakale kukuhle kakhulu ukungena kulobubusuku nokunizwa nidumisa iNkosi, nokubuyela ekhaya nokubona wonke umuntu. Bengikade ngibheke lokhu kusukela ekuBongeni okwedlule ngenkathi ngangilapha, ukubuyela emuva etabernakele lami futhi. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Angazi ukuthi ushonephi. Nangu ungapha. Ngiyamangala nje ukuthi ubezoqhubeka athi “amen” kulokho, niyazi. [UMfowethu Moore uthi, “Amen.”] Kuhlala njalo kukuhle ukuba lapha. Futhi bengilindele, njengoba ngishilo, kusukela ekuBongeni okwedlule.

² Sisanda kusuka nje eNew York City, lapho esibe nomkhankaso omangalisayo. INkosi isibusisile lapho ngendlela enamandla. Futhi besiseMorris Auditorium, nezixuku bezigcwele phama, futhi zehla zenyuka ezitaladini. Futhi bezizoma ngaphandle lapho, zilindile. Uma—uma oyedwa engena, isibukeli nje, niyazi, futhi bengingacabanga, awu, okuthize; abanye abantu, niyazi, baya esontweni, futhi khona-ke into yokuqala, into ethize eshiwo, ukuthi abakuthandi, bazosukuma futhi baphume. Futhi babephandle lapho bevota, ngubani obeyothola lesosihlalo lapho bephuma. Futhi ngiyafika ubusuku ngabunye, futhi cishe ebangeni lendlu yasedolobheni, futhi bebeyonqwabelana enhla nasezansi ezitaladini. Futhi iNkosi isibusisile futhi yasinika imiphefumulo, nokuphulukisa okuningi okukhulu kwenzekile.

³ Futhi khona-ke ekudleni kwasekuseni kweBusiness Men, sibe nesikhathi esimangalisayo, bathengise amathikithi abo aphela. Futhi—futhi khona-ke ngicabanga ukuthi badingeke bavumele abangamakhulu bangene, abebengenawo amathikithi. Khona-ke bagcwalise amaphasiji, nokuzungeza ihholo neminyango, nokunye nokunye. Futhi nje sibe nesikhathi esimangalisayo. Umpristi oyiPiscopalian nayo yonke into lapho, futhi iNkosi isibusisile kakhulu.

⁴ Futhi khona-ke simile ekhaya, elinye ikhaya lami, eJeffersonville. Kusobala, sengihlala eTucson manje, e-Arizona, njengoba nazi, iminyaka emibili edlule.

⁵ Futhi manje ngisendleleni ebuyela eTucson manje, okokudla kwasekuseni kweBusiness Men ngeviki elizayo ePhoenix. Lapho, khona masinyane emva kokuqala konyaka, siqala umkhankaso lapho, ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kweBusiness Men’s

International, ngiyakholwa, noma ingqungquthela kazwelonke e—eRamada Inn.

⁶ Futhi kuhle kakhulu ukuba lapha ku—kulelidolobha elihle laseShreveport, kulobubusuku.

⁷ Manje, ngokuvamisile ngikhuluma isikhathi eside. Kodwa ngizozama ngawo onke amandla ami ukukugcina phansi, amahora amathathu noma amane, noma kanjani, kulokhu nakulesisikhathi. Futhi ngiyazi nje ngiyanikhandla, kodwa, niyabo, angitholi ukunibona kaningi kakhulu. Futhi abaningi baya eKhaya ngaphambi kokuba ngi... baya eKhaya eNkazimulweni ngaphambi kokuba ngithole ukubabona futhi, futhi ngiyacabanga, “Awu, lokhu kuzoba yingxoxo yasemhlabeni yethu yokugcina ndawonye ngaphambi kokuba uthathe indiza yakho.” Futhi abaningi sebehambile, akungabazeki, kusukela kulesisikhathi ngonyaka odlule. Futhi mhlawumpe, uma iNkosi ilibala, futhi sizodingeka sibuye futhi ngonyaka ozayo noma ngesinye isikhathi, kuzoba ngabanye abaningi, lapha kulobubusuku, mhlawumbe mina uqobo. Asazi ukuthi yisiphi isikhathi esizobizwa ngaso. Futhi, niyazi, iNkosi uJesu ingahle ngisho ifike ngaphambi kokuba lenkonzo ivalwe kulobubusuku.

⁸ Manje, njengoba ningazi, angisiyo ingcweti yokushumayela, angisona isikhulumi. Ngi—ngiyayithanda nje iNkosi futhi ngenza noma yini engingayenza ngenxa yenkazimulo yaYo. Futhi uma ngimi lapha kulomsamo, ngazi ukuthi indoda efana noMfowethu Moore namaningi indoda enkulu eye yama kulomsamo, kungenza ngizizwe ngiwuhlobo—hlobo lo... kungesikhona ukuphuma endaweni, angiqondile lokho. Kodwa, ngiqonde, indlela yami yokubhalwa nokukhulunywa kolimi nezinto, ngizwa sengathi, uma abantu bebengangithandi ngempela, bebezosukuma futhi baphume lapho ngingena epulpiti. Ngakho—ke nje bayangibekezelela, futhi ngiyabonga ngakho. Manje...

⁹ Kodwa ngihlala njalo ngiza nalokhu—nalempokophelo. Angizi lapha ukuba nje ngibonwe; uma ngikwenzile, bengizoya endlini yakho ukuzovakasha, niyabo. Ngiza lapha ukuzokwenza okuhle okwedlula konke engingakwenza ngenzele iNkosi uJesu Kristu, ngenkathi ngiselapha. Ngilapha hhayi ngenye inhloso kodwa ukukhonza Yena, nokuhle okwedlula konke engikwaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, nokuletha kini iZwi njengoba nje Linikezelwe mina, ukukhulekela abagulayo benu nabahluphekile. Manje, sizoba nobusuku, noma obubili, uMfowethu Moore nami sizohlangana, ukuthi sizokhulekela abagulayo.

¹⁰ Khona—ke, ubusuku ngabunye, sifuna wonke umuntu ongesiye umKristu, ngethemba ukuthi okuthize kuzoshiwo noma kwenziwe, ukuthi nizoba ngumKristu. Futhi uma ungesiye, uma usuvele ukholiwe eNkosini uJesu Kristu, futhi

waMemukela futhi wabhaphathizwa, futhi awukawemukeli uMoya oNgwele okwamanje, ungakuvumeli lokhu kudlule. Makuthi nje lokhu kube ubusuku bakho. Ngoba, khumbula, kuzoba namagama amaningi kakhulu nje kuleyoNcwadi. Futhi lapho igama lokugcina selengeziwe, yilokho konke kwakho. Nelakho lingahle liLiphelelise.

¹¹ Lapho iWundlu lifika futhi layithatha iNcwadi esandleni sokunene saLowo ohlezi esiHlalweni sobukhosi, leyo kwakuyiNcwadi yokuHlengwa. Futhi lawomagama lafakwa lapho ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Ngenkathi lelogama lokugcina labizwa, iNcwadi, icebo, konke okunye kwembulwa ngaleyonkathi, iziMpawu eziyisiKhombisa zavulwa yiWundlu. Izimfihlakalo zeBhayibheli lonke zazifihlwe Lapho. Ukuba besinesikhathi, bengingathanda uku . . .

¹² Ngisanda kuqeda ngalezozimpawu eziyisiKhombisa, maduzane nje. Ngingathanda ukuphinda ngedlule kuzo. Futhi nje ukuthi iNkosi isibusise kanjani! Abanengi benu bezwile ngakho, futhi bafunda kwiphephabhuku iLife, nezinto, izinto ezenzekile ngalesosikhathi. Ngenkathi, babamba isithombe, ngisho, seziNgelosi eziyisikhombisa, njengoba kwabikezelwa lapho sasiya eNtshonalanga. Futhi Wangitshela, ezinyangeni ezintathu ngaphambili, ukuthi kuyoba kuphi nokuthi ngiyobe ngimi kanjani lapho, futhi kwakulapho! Futhi a—futhi amakhamera, o, amakhulu amamayela, asibamba isithombe saKho khona lapho, nje impela. Kwabikezelwa impela! Futhi uma ngake ngashumayela noma yini eyayiphefumulelwe, empilweni yami, yi *IziMpawu eziyisiKhombisa*. Futhi ngakho-ke ngiyazi sisesikhathini sokuphela.

¹³ Futhi igama lokugcina liya kuleyoNcwadi, noma, igama lokugcina elihlengiwe, elafakwa kuleyoNcwadi, lokho kuyakuxazulula, Ufikela ukuzobiza lokho Akuhlenga. Futhi kungahle kube yisikhathi esingajwayelekile. Senake nacabanga: abantu bayoqhubeka ngqo nokushumayela, ibandla liyoqhubeka ngqo licabanga ngisho ukuthi bathola abantu ukuba basindiswe. Isikhathi siyobe sesedlule kakhulu ngaleyonkathi, sekuphelile, niyabo, noMlayezo uyoya kwabalahlakile ngokuphelele; njengoba nje kwenzeka ezinsukwini zikaNowa, izinsuku eziyisikhombisa emkhunjini. Kwenzeka ezinsukwini zaseSodoma. UJesu qobo lwaKhe, isigaba saKhe—saKhe sesithathu senkonzo yaKhe, Wahamba futhi washumayela emiphefumulweni eyayilahlwe Phakade, eyayisekuboshweni, engaphendukanga, ekubekezeleni ezinsukwini zikaNowa. Futhi asazi ukuthi yisiphi isikhathi lezizinto ezingahle zenzeke ngaso.

¹⁴ Futhi masixwayiswe. Masingami nje sizungeze, asenze okuthile ngakho. Uma singalungisene noNkulunkulu, asilungisane noNkulunkulu.

¹⁵ Ngesinye isikhathi, ngiyacabanga, esahlukweni se 11 sikaMathewu, ngikholwa ukuthi yiso, cishe ivesi le 6, noma okuthize, anginasiqiniseko salokho. Yisahluke se 11, ngiqinisekile impela. Abafundi bakaJohane wathunywa nguJohane, ngesinye isikhathi, ukuyobona iNkosi uJesu, ukuMbuza ukuthi ngabe ngempela WayeNguye, noma babefanele babheke omuye. Wathi, “Hambani nikhombise uJohane izinto ezenzekayo. Nimshele, ‘Ubusisiwe ongakhubeki ngaMi.’”

¹⁶ Futhi khona-ke lapho benqamula igquma, futhi uJesu mhlawumpe wababuka, Wathi, “Naphuma ukuyobonani na?” Futhi ba...Wathi, “Naya ukuyobona uhlobo oluthile lomuntu ogqoke izingubo ezinhle na?” Wathi, “Basezigodlweni zamakhosi. Futhi umhlanga untengentengiswa ngumoya na?” Wathi, “Ngabe naya ukuyobona umprofethi na?” Wathi, “Ngithi kini, futhi omkhulu kunomprofethi. Uma ungakwemukela, nguye lowo umprofethi akhuluma ngaye, uMalaki 3, ‘Futhi Ngiyakuthuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi.’”

¹⁷ Abafundi babuza ngesinye isikhathi mayelana nalombuzo. Bathi, “Kungani ababhali besho, abafundisi bemihlalo, ukuthi, ‘U-Eliya ufanele afike kuqala ngaphambi kwalezi, zonke lezizinto zenzeke?’” Manje khumbulani, Wayekhuluma nabafundi, hhayi abafarisi. Abafundi, bathi, “Kungani ababhali basho ukuthi, ‘U-Eliya ufanele afike kuqala?’”

¹⁸ Wathi, “U-Eliya usevele ufikile, futhi benza kuye abakuthandayo, futhi anikwazanga.”

¹⁹ Kungathiwani ukuba ngelinye ilanga niyothola ukuthi, siyoshaya isikhathi sokuhlupheka noma okuthize, wena uthi, “Awu, bengicabanga ukuthi uHlwitho luyofika kuqala?” Niyabo? Futhi iphimbo liyophendula futhi linitshela, “UHlwitho seluvele, futhi anilwazanga.”

²⁰ “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, lapho imiphfumulo eyisishiyagalombili yasindiswa ngamanzi, kuyakuba-njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu.” Abantu bayaqhubeka, bacabanga nje ukuthi benza into elungile, futhi konke kuzophela. O Nkulunkulu, sihawukele! Masi, masihlale, khona manje kulobubusuku obumbalwa obuzayo, sibone ukuthi sikuphi.

Asikhothamise amakhanda ethu futhi.

²¹ Nkosi Jesu, nalezizinto engqondweni, futhi zethulwe kulelibandla, zethulwe kulababantu; Nkulunkulu, ngiyakhuleka ukuthi Uzosindisa wonke umphefumulo eShreveport, ngalesisikhathi, obhalwe kuleyoNcwadi. Uma bekhona lapha ongasindisiwe, Baba, kwangathi leli kungaba yihora abasindisiwe ngalo. Uma ekhona kulelibandla, kulobubusuku, kwangathi lobu kungaba ubusuku babo.

²² Busisa uMfowethu Moore, uDadewethu Moore, nomndeni wabo, abantwana nabo, abantwana babantwana babo. Nkulunkulu, siyaKubonga nje ngabo. Futhi uMfowethu Lyle, uMfowethu Brown nabo bonke—abazalwane lapha ebandleni, uMfowethu Don, nalesisigeyane esikahle sabantu, onke amalunga lapha, uquqaba, siyaKubonga ngabo.

²³ Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi ukuhlanguka kwethu ndawonye lapha kulokhu kuBonga . . . Kungahle kube ukuBonga kokugcina esiyoke sihlanguka ndawonye kukho kulomhlaba, ngakho-ke, Nkulunkulu, masithathe ithuba futhi silondolozwe isikhathi. Futhi siyaqonda ukuthi seku—sekuba leyithi, futhi siyafuna yonke into esingayenza, okusemandleni ethu, ukwenza umsebenzi weNkosi uJesu ngaphambi kokuba Afike. Ngandlela thize, nginohlobo lokuzizwela ukuthi Ulinde thina ukuba—ukuba siqede umsebenzi. Ngakho-ke, sisize, Nkosi, kulobubusuku, njengomuntu ngamunye, ngamunye wethu, ukuze singakhathalela kakhulu abanye, ukuze siphumele ezitaladini, noma singene komakhelwane, futhi—futhi singenise abalahlekile, ukuze bengahle basindiswe.

²⁴ Busisa iZwi laKho. IZwi laKho liyiQiniso, Nkosi, iQiniso lonke. Ngakho-ke siyakhuleka, ukuthi njengoba sizama ukulinga ukuhlephula lesiSinkwa sokuPhila, iQiniso, kubantu, ukuthi uMoya oNgeweze uzofika, ngenxa yalowo mzimba ophukile lapho eKalvari lapho isono sadingeka siwuphule, futhi uzozihlukanisa phakathi Wona uqobo phakathi kwethu futhi, ekuhlanganyeleni ngaseZwini. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

²⁵ Manje, uma nithanda, ngifuna niphanye kanye nami. Abaningi benu bayathanda ukuthi nje ukugcina i—imiBhalo lapho umfundisi efunda khona, noma umvangeli. Futhi ngifuna ukufunda okunye, kulobubusuku, okuvela kuDuteronomi, isahluko se 4, siqala ngevesi le 7 kuya kwele 14. NeNcwadi yamaHeberu, isahluko se 14, ivesi lama 25 kuye kwelama 29, kuhlanganise. UDuteronomi 4.

Ngoba yisiphi isizwe esikhulu, esinoNkulunkulu oseduze naso, njengeNkosi uNkulunkulu wethu enjalo nanini lapho simbiza na?

Yisiphi isizwe esikhulu, esinezimiso nezahlulelo ezilungile njengawo wonke lomthetho, engiwubeka phambi kwenu namuhla na?

Kepha xwaya, ugcine kahle umphefumulo wakho, funa ukhohlwe izinto azibonayo amehlo akho, zimuke enhliziyweni yakho izinsuku zonke zokuhamba kwakho: kodwa fundisani amadodana enu, namadodana abantwana benu;

Ikakhulukazi usuku owama ngalo phambi kweNkosi uNkulunkulu wakho e—eHorebe, lapho iNkosi yathi

kimi, Ngibuthela abantu ndawonye, ngiyakubezwisa amazwi ami, ukuba bazofunda ukungesaba zonke izinsuku zokuphila kwabo emhlabeni, ukuba futhi bafundise abantwana babo.

Nase nisondele nima phansi kwentaba; intaba yavutha umlilo kuze kwaba phakathi kwezulu, futhi ubumnyama, futhi amafu, nogqinsi, futhi isigayegaye.

Futhi iNKOSI yakhuluma kini phakathi komlilo: nezwa izwi laYo lokukhuluma, kepha anibonanga-simo; kwakuyizwi kuphela.

Wanimemezela isivumelwano sakhe, aniyala ngaso ukuba nisenze imiyalelo eyishumi; wayiloba ezibhebheni ezimbili zamatshe.

INKOSI yangiyaleza ngalesosikhathi ukunifundisa izimiso nezahlulelo, ukuba nina nizenze ezweni nomaphi eningena kulo ukulidla.

²⁶ Futhi manje eNcwadini yamaHeberu, isahluko se 14, siqala ngevesi lama 25.

Bhekani ningamali owakhuluma. Ngokuba uma bengaphunyakanga labo ababemala lowo owabaxwayisa emhlabeni, kakhulu asiyikuphunyakathina, esimfulathelayo okhuluma esezulwini:

Ozwi lakhe lanyakazisa umhlaba ngalesosikhathi: kepha manje uthembisile, wathi, Kusezakuba-kanye ngiyozamazamisa, kungabi umhlaba wodwa, kepha nezulu futhi.

Lelizwi lokuthi, Kusezakuba-kanye... kubonakalisa ukususwa... izinto ezinyakaziswayo, kungathi okwenziweyo, ukuze lezo ezinganyakaziswayo zime. Lapho...

Ngakho-ke lokhu semukela umbuso ongenakunyakaziswa, masimbonge ngesingamkhonza ngakho uNkulunkulu ngokumukela nangokuhlonipha nangokuthuthumela:

Ngoba uNkulunkulu wethu ungumlilo oqothulayo.

²⁷ Manje nginamanothi ambalwa lapha, neminye imiBhalo ibhalwe phansi, engizothanda ukuthathisela kuyo imizuzu embalwa, njengoba ngizokwetha isihloko lokhu ngesihloko esincane esixakile. Futhi lamateyipu alungile nganoma yisiphi isikhathi noma ubani oyowafuna. UMnu. Maguire lapha uzokwazi uku—ukuninika lezizinto. Futhi ngifuna ukuthatha indikimba, endikimbeni yalendaba, njalo, kanjena, *Izwe Liphinde Liyahlakazeka Futhi.*

²⁸ Besehla izolo, noma izolo kusihlwa, sadabula eMemphis, eTennessee, singene lapho sekuthi akube leyithi ntambama, noma ingxenye yakusihlwa. Futhi bekunzima ukuba sedlule

ezitaladini, a—abantwana nabantu bebeminyene kakhulu. Futhi ngicabangile, “Kungaba yini lokhu na?” A—abantu ubengagqokile njengoba bebenjalo emhlanganweni wezenkolo njengokuthi mhlawumbe umfowethu olungileyo, uBilly Graham noma u-Oral Roberts. Futhi angicabanganga ukuthi bebesosifunda ngalesosikhathi, noma kanjani. Futhi abesifazane bebegqoke amabhulukwe amasleksi, nabantwana abancane ngakubo, bebegqoke ama-ovaloli, nokunye nokunye, imfolvini. Futhi ngimangele ukuthi bekuyini, futhi ekugcineni sitholile. Bebekade benombukiso ka—kaSanta Claus. Bekukade kunezinkulungwane eziningi ebezikade ziwubuka ezitaladini, nokunye nokunye. Futhi nje sibe nesikhathi esibi ukwedlula eMemphis, ngoba kuza isikhathi sikaKhisimusi.

²⁹ Futhi uKhisimusi wusuku olukhulu kakhulu lokuhweba, luze selususe ukuBonga esithombeni cishe impela, ngoba . . . e—ezweni lebhizinisi, noma kanjani; ngoba i—izwe lezohwebo lithonywa kakhulu impela uKhisimusi, ngoba kunabantu abaningi kakhulu abathengayo. Futhi bavele nje . . . UkuBonga ngokuncane nje okudlulayo. Futhi siyathola, njengoba sibona uKhisimusi usondela futhi, ngicabange ukuthi bekuzoba yinto enhle ukukhuluma ngalendaba, njengoba sisondela kuwo. Sibona ukuthi, ngempela, uKhisimusi akuwona . . .

³⁰ Sigubha lolusuku lwama 25 lukaDisemba okokuzalwa kukaKristu, kodwa, kusobala, noma ngubani uyazi ukuthi kwakungelona usuku lokuzalwa lukaKristu. Lolo kwakuwusuku lokuzalwa kukankulunkulu welanga wamaRoma, ukuthi lapho ibandla laphendulelwa langena e, noma, langeniswa ebuKatolikeni, labunjwa emkhandlweni waseNayisiya. Esikhundleni sokuthi kube “olukankulunkulu welanga,” bakwenza usuku lokuzalwa “olweNdodana kaNkulunkulu.” Lokho kungenkathi, ilanga, kusuka ngomhla ka 20 kuze kube ngu . . . ngiqonde olwama-21 kuze kube olwama 25, kuwuhlobo kolwalo . . . Ngiyalikhohlwa igama enikubiza ngalo, ngokufanele. Kulapho cishe impela kungokwesibili noma isikhathi sesibili lapho kwedlula kulesosigaba. Futhi kwakuwusuku lokuzalwa lukankulunkulu welanga, futhi bavele nje bathatha i “Ndodana kaNkulunkulu” futhi bakwenza lokho usuku lokuzalwa lwaYo, ukuluhlanganisa nesiko labo lobuhedeni. Futhi akunanzelo, nhlobo, ngokuba usuku lokuzalwa lukaKristu.

³¹ Wayengeke azalwe ngalesosikhathi, ngoba iJudiya ithi ayifane e—e . . . iphakeme phezulu enkabazwe, njengoba lokhu kunjalo, futhi si—sithola ukuthi, eJudiya, esikhathini sasebusika, ngomhlaka 25 kuDisemba, linesiphepho esikhulu seqhwa futhi liyabanda. Abelusi bezimvu angeke babe sentabeni, nezizathu eziningi ukuthi bekuve kube njalo.

³² Futhi ngakho-ke Wazalwa ngokwemvelo, njengayo yonke enye imvelo, We—Wavela eNtwasahlobo. Imvamisa lapho

amawundlu ezalwa, eNtwasahlobo; futhi WayeyiWundlu. Manje, ngiyakholwa, Wazalwa, qobo lwami, ngoMashi, ngo-Ephreli, noma ndawo ndawo ngalapho, ekuqaleni kweNtwasahlobo.

³³ Kodwa sithola ukuthi benza usuku lokuthengisa impahla ngalo. Abantu benqwabelana ezitaladini, nokushayisana ngamahlombe, nokuqophisana ngezinto, futhi bezibuza ngokunikeza othile isipho, malini abazoyikhokhela sona.

³⁴ Ngelinye ilanga, ngamangala. Endaweni engangimi kuyo, futhi amanenekazi amabili ayekhuluma ngokunikeza ubaba wawo usuku lokuzalwa. . . noma isipho sikaKhisimusi salonyaka. Futhi elinye lwawo lathi, “Ngimtholele amaphayinti amabili ewiski.” Futhi elinye lathi, “Ngimtholele iphakethe, noma ikhathoni likasikilidi,” noma enye into efanaleyo. Futhi ayethi, elinye lalinikeze okuningi kangaka kwewiski kunoma ayenzile ngosikilidi.

³⁵ Futhi ngacabanga, “Uma leyo kungesiyo indlela yokunikeza i—i. . . ukushintshisana noma ukunikeza isipho esikhumbuzweni sikaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu!” Into engukuthola ukufa kanje pho!

³⁶ Futhi ngibona izwe lakithi osizini olunjena njengoba linjalo manje, ungcoliswe kusukela kulo lonke uhlangothi, hhayi ngendlela ezweni ngakho ukuba like libuye kulo qobo futhi. Kungcono sinake, esikwenzayo kulezizinsuku. Ngokuba sine, manje nje ekulileni, kokunye kwezinhlekelele ezinkulu, futhi—futhi okunye kwenkulu. . . Asikaze sicabange ukuthi leyonto izokwenzeka eMelika, kodwa kulapha noma kanjani. Futhi ukuphoxa kwethu uqobo eVangelini, kuba yinto edliwe impethu nento ekanjalo, futhi kuzoba kubi kakhulu. Akukho kungabaza nhlobo, engqondweni yami, kodwa ukuthi kuzoqhubeka nje kuye ngokuba kubi kakhulu.

³⁷ Kodwa sithola ukuthi, kuloKhisimusi, ukwehlela phansi endabeni, ukuthi loKhisimusi uthola izwe selicishe impela lifane njengoba lenza eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule, ngenkathi uJesu efika. Alikaze lishintshe kakhulu kangako kusukela ngaleyonkathi. Isizathu, lokhu, ukuthi uKhisimusi uthole izwe lihlahakazeka, futhi lalifuna uMesiya ukulisiza alibambe alihihlanganise. Futhi—futhi lokho kuthi akube yindlela okuyiyo namuhla, senza into efanayo. *Izwe Liphinde Liyahlakazeka Futhi.*

³⁸ Manje, lokho akukho kuphela eMelika lapha, kodwa lokho kusezweni lonke, nomaphi lapho uyakhona; izwe lezenkolo, izwe lezombusazwe, yonke into, i—izwe lokuziphatha. Lona—lona, akusekho nje okunye kwakho, nje yi. . . Izimilo nje ziphakathi kwabantu abalungile, azisekho, futhi lokho kunzima kakhulu ukukuthola. Kuyi—kuyihlazo. Futhi ezombusazwe nayo yonke into konakele, kuze kuthi yonke into iyagula futhi izilonda ezinobomvu, kusukela ekhanda kuyoshaya ezinyaweni, izwe

lonke. Inqubo yethu yezombusazwe, inqubo yethu yezenkolo, inqubo yethu yokuziphatha, konke esinakho, akusekho! Nje, ayikho indlela yokukugcina kuhlangene. Lona, lona seliphelile! I...Sisekupheleni komgwaqo. Yilokho kuphela okukhona kukho.

³⁹ Thina, ngiyazi sakhuluma ngakho isikhathi eside, kodwa ngolunye lwalezizinsuku kuzoba ngokwedlule ukukhuluma ngakho, kuzoba yinto engumlando, futhi sizozithola singaphandle uma singakubhekisisi ngalesisikhathi.

⁴⁰ Ngiyazibuza, uma thina kuloKhisimusi, uma uNkulunkulu engaMthumela futhi njengoba Enza emuva lapho iminyaka eyizinkulungwane ezimbili eyedlule, uma EzoMthumela kithi ngo 1964, ngiyazibuza ukuthi besingeke yini senze kuYe njengoba benza ngaleyonkathi na? Ngiyazibuza nje uma ukuFika kwaKhe bekungeke noma yini enye futhi, Ubengeke nhlobo amukelwe, e—e—ezweni lezombusazwe noma ezweni lezenkolo, kunokuba Wayenjalo ngaleyonkathi na? Ngiyazibuza nje uma sikunoma yisiphi isimo ukwemukela Yena, njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi na? Kodwa siyazi ukuthi Wayelahliwe ngaleyonkathi.

⁴¹ Yini ebesizoyenza kuYe uma Efika na? Mhlawumpe izwe lezenkolo, engisekela lokhu kulo, benizokwenza kuYe njengoba benza ngesinye isikhathi. BabezoMbethela uma bebengakwenza, (abakashintshi), ngesizathu esifanayo abasenza ngesinye isikhathi.

⁴² Bakwenzelani, ngabe babethela Yena kanye ababekhuleka ukuba eze emhlabeni, ukuba abasindise, ukuba abakhiphe ezinxushunxushwini na? Babethela ithemba kuphela ababenalo. Ngani na? Bakwenzelani na? Ngoba, ngenkathi uNkulunkulu ephendula umkhuleko wabo, Wawuphendula ngendlela leyo ababengayibhekile ukuthi uphendulwe ngayo. Ngenkathi Efika, Akazange afike ekunambithekeni kwesayense yabo yezenkolo.

⁴³ Futhi uma Ephinda ebuya, namhlanje, Ubezofika ngendlela efanayo; ngaphandle kokunambitha kwezwe noma isayensi yezenkolo yamabandla, indlela abebeyoMcabanga ngayo. Njalo uyafika. Njengabantu bakaNkulunkulu, uma bengena enkathazweni, futhi bakhuleke, khona-ke uNkulunkulu ubanikeza lokho abakukhulekelayo, kodwa Ukunikeza ngendlela ebalungele. Futhi bakwenqaba, ngoba Akufiki ngendlela abacabanga ukuthi Bekuyofanele kufike ngayo. Balenqaba iZwi eligcotshiwe likaNkulunkulu, futhi UyiZwi.

⁴⁴ Manje, uNkulunkulu, kuyo yonke iminyaka, ngazo zonke izikhathi, ngenkathi Eqala, “Ngenkathi Ekhulume iZwi laKhe endulo ngabaprofethi, ngalolu izinsuku zokugcina ngoJesu Kristu, iNdodana yaKhe,” sithola ukuthi ngasinye salezo ziprofetho sasizofanela unyaka othile. NjengeNkosi uNebukadinesari ngenkathi wayebe naleliphupho, futhi izwe

labeZizwe kusukela ekhanda kuye ezinyaweni, futhi uDaniyeli wanikeza incazelo yaleliphupho; leso kwakuyi—yisiprofetho ezweni lonke, kuze kube phakade, yonke ingxenye yoMbuso wabeZizwe, njengoba bekuzofika kusuka ekhanda kuya ezinyaweni. Futhi abaprofethi ubehlala ekhuluma amaZwi abezofanele enzeke ngokuhambisana ngonyaka ngamunye. Futhi lapho uNkulunkulu . . .

⁴⁵ Abantu bangena enkathazweni, futhi uNkulunkulu uyabaphendula. Ubathumela umprofethi ogcotshiwe noma uhlobo oluthile lwesithunywa, ngoba Angeke abuyeke emuva eZwini laKhe Aliqondise kulowonyaka. Kepha, yini Ayenzayo, Uthumela isithunywa ukwenza leyonxenywe yeZwi iphile kulowonyaka. Kuhlala kukwenza njalo, niyabo. Wabumba iZwi laKhe ekuqaleni. Wayazi ukuphela kusukela ekuqaleni. Wakhuluma iZwi laKhe. Futhi unyaka ngamunye, lapho bengena enkathazweni, babeyo . . . babeyokhuleka, futhi uNkulunkulu wayeyothumela ogcotshiweyo. Futhi lowo ogcotshiwe wayezokwenza ngokuphelele lesosithembiso salowonyaka, lokho okwakubikezelwe kwalowonyaka, kuphile. Futhi yilokho Akwenzayo ngaso sonke isikhathi. UNkulunkulu akalokothi aluguqule uhlelo lwaKhe. Manje, asimtholi neze uNkulunkulu eguquka.

⁴⁶ UNkulunkulu wakuxazulula ngesinye isikhathi, ukuthi Wayezomsindisa kanjani umuntu, owayesensimini yase-Edeni, ngaphansi kwegazi elachitheka. Sizame yonke enye inqubo, kusukela emaqabungeni omkhiwane kuye emfundweni, injulamqondo, amahlalo ezinqubo, nokunye nokunye, nakho konke okuncinyane kwakho kwe—kwenqatshiwe; futhi akukaze kusebenze, akusoze kwasebenza. UNkulunkulu uzohlangana nomuntu kuphela ngaphansi kweGazi elichithiwe, futhi yileydawo kuphela Ayoke ahlangani naye kuyo, ngoba leso kwakuyisinqumo saKhe sokuqala. Akasoze ahlangani nomuntu ngaphansi kwanoma yiluphi uhlobo lwenqubo yokulungileyo. Akasoze, akukho ndlela ezweni! Buyela emuva nje ngqo eNdloleni kaNkulunkulu, yilokho Akusho kuqala. Futhi Akanasiphelo, angeke aguquke, futhi Uhlala njalo efana. Yilapho Ahlangani khona nomuntu, futhi lapho kuphela. Yingaleso sizathu sehluleka ukuba nenhlanganyelo namhlanje, yingalesosizathu ibandla lehlukene kangaka, ngoba ngalinye lehlukaniwe enqubweni, futhi, ngenkathi benza lokho, khona-ke uNkulunkulu uyawenqaba, khona lapho. Ufuna thina sihlangani ngaphansi kweGazi, lapho sonke sinezinto zonke ngokufanayo, phansi ngasesiPhambanweni. Injongo kaNkulunkulu kuphela yokukwenza! UNkulunkulu njalo uthumela iZwi laKhe.

⁴⁷ Futhi siyathola, namhlanje, ukuthi izwe namuhla lifana njengoba lalinjalo ngalolosuku; lizithola lona, inqubo yalo

yezombusazwe, nokunye nokunye, konke kuyahlakazeka, futhi libheke umesiya ozolihlanganisa ndawonye.

⁴⁸ Manje, igama elithi *mesiya* lisho “ogcotshiweyo,” okuthize okugcotshiwe. Nkulunkulu! *Lesi* yisambulo sikaJesu Kristu, iNcwadi yonke yanamatheliswa ngeziMpawu eziyisiKhombisa yesambulo sikaJesu Kristu. UJesu Kristu wayekuGenesisise; uJesu Kristu wayemaphakathi neNcwadi. UJesu Kristu wayeku—ku-Eksodusi noGenesisise, futhi Wayemaphakathi neNcwadi futhi Wayese—seTestamenteni eLisha, naseSambulweni futhi kuze kuthi ngqu ekugcineni, “unguye izolo, namuhla, naphakade.” Konke nguNkulunkulu!

⁴⁹ “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.”

⁵⁰ “UNkulunkulu endulo nangezindlela eziningi wakhuluma kobaba ngabaprofethi.” Ngenkathi iZwi leNkosi lifika kubaprofethi, futhi bona kuphela, ngoba babegcotshwe ngeZwi, babanelungelo lokuhumusha iZwi. Futhi uNkulunkulu wasebenza ngabo, efakazisa ukuthi iZwi laliqinisile. “Uma mina i. . . kukhona oyedwa phakathi kwenu ongokamoya, noma umprofethi, Mina iNkosi ngiyakusazisa kuye. Futhi uma lokho akushoyo kwenzeka, khona-ke mzwani. Uma kungenzeki, ningamuzwa.” Lokho akungaphezu kunokucabanga kahle, kunoma yimuphi umuntu.

⁵¹ Manje sizithola silapha, ezinsukwini zokugcina manje, lapho sibheke ukuFika kweNkosi futhi.

⁵² Awu niyakhumbula umshumayeli oyiBaptisti omdala owangibhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, ngenkathi ngangisengumfanyana nje. Futhi wayevamise ukuxoxisana nami ngalendaba, ngoJohane uMbhaphathizi. Wathi, “Mfowethu Billy,” wathi, “ngenkathi uJohane. . . Ngenkathi Yena ethi, ‘Vuma kalokhu,’ futhi khona-ke wamvumela.” Wathi, “Khona-ke uJohane, wabhaphathiza. . . uJesu wabhaphathiza uJohane, ngoba siyazi ukuthi uJohane wayengakaze abhaphathizwe, futhi nokho wayeshumayela umbhaphathizo.” Awu, lokho bekuhlala njalo kuthi ukungibhashisa, kancane.

⁵³ Khona-ke lapha kungekudala, kwembulwa kimi, ngalendlela, ukuthi kwahlangana lapho kulelochibi, kulowomgodi wamanzi, izithunywa ezimbili ezinkulu ukwedlula zonke izwe elake lazibona: i—indoda eyayingaphezu kwabo bonke abaprofethi, okwakunguJohane, “akukaze kube khona umuntu ozalwa ngowesifazane, omkhulu njengaye”; futhi kwakukhona uNkulunkulu, qobo lwaKhe, ebonakaliswe emzimbeni wenyama. Futhi khumbulani, futhi iBhayibheli lisitshela ukuthi, “IZwi leNkosi liza kumprofethi.” Futhi ngenkathi iZwi lenziwa inyama; nakhu kumi umprofethi emanzini. Futhi iZwi nomprofethi bahlangana ndawonye,

bazana! Kunjalo. IZwi qobo lwaLo, lenziwa inyama, iNdodana kaNkulunkulu engenwe, yafika kumprofethi, emanzini.

⁵⁴ Umprofethi wathi, “Yimina engiswela ukubhaphathizwa nguWe, futhi kungani Wena uza kimi na?”

⁵⁵ Wathi, “Vuma kalokhu, ngoba kusifanele ukugcwalisa konke ukulunga.”

⁵⁶ Qaphelani! UJohane, engumprofethi, wazi ukuthi WayenguMhlatshele. Futhi umhlatshele ufanele ugezwe ngaphambi kokuba wethulelwe umhlatshele. Futhi yingalesosizathu Adingeka abhaphathizwe.

⁵⁷ O, namhlanje, kusifanele, ukuthi sigcwalise konke ukulunga kosuku lwethu. Ihora selilapha. IBhayibheli lisitshela ukuthi yini ezobe yenzeka ngalolusuku. Siyazi ukuthi iBhayibheli lithi yini ezokwenzeka ngalolusuku. Kukithi ukubambelela kuNkulunkulu zize lezizinto zenzeke. Sekuyihora! Khulekelani ogcotshiweyo ozosinikeza ukukhululwa esikubhekile, ngokuba uNkulunkulu ukwethembisile.

⁵⁸ Benqaba iZwi likaNkulunkulu eligcotshiwe ngaleyonkathi, futhi ngakho-ke liyawa, liyahlakazeka. Kanti futhi siyathola, ngalesisikhathi, liyahlakazeka futhi. Ngiyathola, njengoba ngishilo, ezombusazwe zethu zonakele, impilo yethu yebandla yonakele. Kwenzekeni na? Nakhu okukwenzile; lapho uqhela kuyo, noma nini, uqhele ohlelweni lukaNkulunkulu, uzothola ukonakala. Angeke kume. IZwi likaNkulunkulu alinakuphosisa, futhi akukho okunye okuzothatha indawo yaLo, akusoze.

⁵⁹ Inqubo yethu yezemfundo, inqubo yethu yamahlelo, ithathe indawo kaMoya oNgewele ihola ibandla. Ukuqeqeshwa kwethu okuhle kakhulu kwabefundisi nezinto kuthathe indawo ye—yemihlangano yobusuku bonke, nendlela yakudala esasivamise ukufinyelela ngayo kuNkulunkulu. Manje, esikhundleni sokuba nabashumayeli, sinabafundisi bemfundo ephakeme, abantu bazi iZwi kahle nje, bangahlala lapho futhi baLihlanganise ndawonye ngendlela yokuthi kuyamangaza ukuthi bangakwenza kanjani. Bayazazi izihambisi-mshini, kodwa lokho akusiwo aMandla okuhambisa. Sifuna aMandla okuhambisa. Anginandaba nezihambisi-mshini; ngifuna ukwazi aMandla okuhambisa. Enzani Wona na?

⁶⁰ Angazi ukuthi leyomoto ihamba kanjani lapho. Inamaphistini namasilinda, futhi angazi ukuthi isebenzisa umfutho ongakanani. Into kuphela engiyaziyo amandla okuhambisa, ngiyibeke phandle lapho bese ngiyayishayela.

⁶¹ Yilokho esikwaziyo, uNkulunkulu wenza isithembiso, “Ngizothululela uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama, amadodana namadodakazi enu ayakuprofetha.” Uzokwenza kanjani na? Angeke ngikutshela. Ngifuna ukwazi nje aMandla okuhambisa enqubo kaNkulunkulu. Leyo yinto esemqoka.

⁶² Namuhla sifunde izihambisi-mshini yaze yaba ngezihambelayo. Inhle ngani imoto engenalutho kuyo lokuyishayela na? Mahle ngani amalambu uma i—uma i...noma izinto ezimi ngqi, uma kungekho ukuhamba kukagesi ukuba kuhambe kukho na? Niyabo, sinazo zonke izihambisi-mshini, sinezikole nabafundisi, nokunye nokunye, okungaqeqesha umuntu, aze akwazi ukuma epulpiti ngendlela yokuziphatha aze abe ngumuntu onobuciko bokukhuluma. Lokho namanje akulethi aMandla kaNkulunkulu. Aphi aMandla kaNkulunkulu ayevamise ukuba sebandleni na? Siphi lesosiBusiso sephentekoste esasivamise ukugeleza sidabule emabandleni na? Yingalesosizathu izwe lethu lihlakazeka, ngoba sidedile ezimisweni zangempela zikaNkulunkulu, futhi safundisa abantu bangena ezinqubweni nezinto. Futhi yilokho okusingenise esimweni esikuso namhlanje. Ngiyakholwa yingalesosizathu izwe lethu lihlakazeka.

⁶³ Leziziqephu zomdlalo kade zisemhlabeni kusukela ezinsukwini zikaNowa. Siyathola uma uNkulunkulu... wayenoNowa, umprofethi wokulunga, ehamba eya phambili nomyalezo wakhe, kwakukhona isiqephu somdlalo sokungaziphathi kahle kulolosuku, njengoba iBhayibheli lathi, “Bedla, bephuza, beganwa, bendisa.” Siyathola ukuthi, ubugovu nokungaziphathi kahle, kanjalonjalo, kwenzeka ngalolosuku. Futhi khona-ke izwe lahlakazeka ngoba abantu benqaba umlayezo kaNkulunkulu, walolosuku. UNowa wayengumprofethi ogcotshiwe kaNkulunkulu, othunyelwe nguNkulunkulu, nomyalezo ovela kuNkulunkulu, futhi wanika abantu isexwayiso ngaphambi kokuba ukwahlulela kufike. Futhi babegigitheka futhi behleka, futhi bahlekisa ngakho, futhi bahleka usulu, futhi inqubo yezwe yonke yahlakazeka, ngalolosuku, futhi bacwiliswa ngaphansi kwezilwandle. Kunjalo. Ngani na? Benqaba umyalezo wehora.

⁶⁴ Sithola ukuthi into efanayo yenzeka eGibhithe, ngenkathi uMose ehola ekhipha abantwana bakwa-Israyeli. Inqubo yonke yaseGibhithe yayisivele yonakala. Futhi siyathola manje kwenzekile futhi, ngenkathi uNkulunkulu ethumela isithunywa esigcotshiweyo ezansi lapho ngenxa yeZwi laKhe. Kwakungokokugcwalisa iZwi laKhe.

Wena uthi, “Ngabe kwakungokokugcwalisa iZwi laKhe na?”

⁶⁵ Watshela u-Abrahama khona impela Ayezokwenza. Futhi kwakudingeka kube khona othize ofika enkundleni, ngalesosikhathi, ukwenza leloZwi liphile khona ngqo phambi kwabo. UNkulunkulu wayethumele uMose waKhe ezansi lapho, futhi, yona kanye into Ayethembise ukuyenza, wayenza, ngoba wayeyiZwi eligcotshiwe lalelohora. Wathi lalizokwehlulela lelozwe. IZwi likaNkulunkulu lathi, “Ngiyokwahlulela lesosizwe ngezinkulu, izimangaliso ezinamandla nezibonakaliso.”

⁶⁶ Nakho kumi indoda, indoda nje eyejwayelekile njengawe noma mina, wathola iZwi elivela kuNkulunkulu, futhi waphuma lapho futhi wakhuluma indalo yabakhona. Wathi, “Maku...” Wacosha isihlabathi, wayesethi, “Makuvele amazeze emhlabeni.” Futhi iZwi likaNkulunkulu, ngomlomo walowomprofethi, ngokuthi kwakungalelohora ngqo okwakufanele kube ngalo, amazeze amboza umhlaba wonke. Wamboza umhlaba ngamaxoxo, ngezintwala. Wawumboza ngazo zonke izinhlobo ze—zezifo ezingomashayabhuqe nezinto. Ngoba, uNkulunkulu wenza isithembiso, nehora lalilapho lakho ukuba kugcotshwe, iZwi eligcotshiwe lalELOhora abahlala kulo.

⁶⁷ Yilokho esikudingayo namhlanje, akusikhona emuva enqubweni yekholiji ethize, kodwa iZwi eligcotshiwe lehora esiphila kulo, ukuletha ngaphambili uJesu Kristu ezweni futhi. “Onguye izolo, namuhla, naphakade.” Kukhona i—kunohlelo olwakhiwe lwalolusuku, isithembiso sikaNkulunkulu. Futhi indlela kuphela esiyoke sikwazi ukulunga ngayo, ukuvumela leloZwi ligcotshwe. Kunjalo. Kwenzeke njalo. Yebo.

⁶⁸ Sithola ukungcola okukhulu kokuziphatha ezinsukwini zikaNebukadinesari. Wayenendoda egcotshiwe. Ngenkathi isandla esilobayo siza odongeni, Wayenendoda eyayingakufunda.

⁶⁹ Izinsuku zikaLoti neSodoma, sithola futhi izwe lihlakazeka. UNkulunkulu wasindisa lokho okungasindiseka, kuwo.

⁷⁰ Ezinsukwini zikaJesu Kristu, siyathola ukuthi izinqubo ezenziwe umuntu zithole izwe esimweni esinjalo, nezombusazwe zabo zalolosuku, kwaze, bona, izwe lonke lalihlakazeka, kuKhisimusi wokuqala.

⁷¹ Manje senze into efanayo, sabuyela emuva ngqo ngakhona futhi sonakalisa iZwi likaNkulunkulu, ngenkolo yesu, size silithole lihlakazeka. Iyiphi yalezozinqubo esingathembela kuyo manje na? Iyiphi inqubo esingaya kuyo, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, noma inqubo yePentecostal na? Akukho lutho nhlobo esingalwenza ngaphandle kokubuyela emuva kuleloZwi eligcotshiwe lesithembiso salelihora. Lezizinqubo ziyintengentenge, zimanqikanqika. Zona, ziyi, ziyizinqubo ezenziwe ngumuntu, futhi azisoze sakusindisa. Akukho kuPhila kuzo. UkuPhila kuphela kuseZwini likaNkulunkulu. KungukuPhila. Washo njalo.

⁷² Futhi ngendlela okwakuyiyo ngaleyonkathi, ngenkathi babesakhuleka, abantu bazithola besekupheleni kohambo lwabo, noma ukuphela kwezintambo zabo, njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaNowa nezinsuku zikaMose, kanjalonjalo. Lapho bezithola qobo lwabo, ukuthi abasakwazi ukuqhubekelela phambili, khona—ke baqala ukukhuleka. Futhi lapho beqala ukukhuleka, uNkulunkulu njalo uyaphendula. Khona—ke uJesu wazalwa.

⁷³ Izwe ngalesosikhathi, njengoba ngishilo, lalihlakazeka. Isizwe ngasinye sasibheke umesiya, njengoba sinjalo namuhla. IRoma yayibheke isihlakaniphi esikhulu esasingaqhamuka phakathi kwayo, u—umfo omkhulu onawo onke amaqhinga empi, ukuthi angakhuphukela lapho futhi anyathele akhiphe iGrisi nezwe lonke. IGrisi yayibheke into efanayo, umuntu othize ongabatshele ukuthi babengalingqoba kanjani lonke izwe.

⁷⁴ Izwe lezenkolo lamaJuda lalolosuku lalibheke ujenene. Babecabanga ukuthi kwakuzokwehla uMesiya evela eZulwini, ephethe induku yensimbi enkulu ezandleni zakhe, futhi Wayezogxoba iRoma, abanyathele abasuse futhi abaxoshele olwandle. Futhi bonke lapho, babebheke lolohlobo lwendoda. Babefuna ujenene.

⁷⁵ Njengenqwaba njengamahlelo ethu anamhlanje, amahlelo ethu abheke isiqhwaga. Isizwe sakithi sibheke isiqhwaga. IRashiya ibheke isiqhwaga. Izwe lasempumalanga libheke esisodwa. I-U.N. ibheke esisodwa. Amabandla abheke esisodwa. Kodwa hlobo luni lwaso abalubhekile na?

⁷⁶ IRashiya ibheke umesiya ogcotshwe ngo—ngobuchopho owaziyo ukuthi abanqobele kanjani umkhathi wangaphandle, ashaye wonke umuntu ayofika enyangeni. Bafuna ukunqoba izwe. Lokho nje. . .

⁷⁷ Kodwa, niyabo, uma becela lezizinto, futhi becela lokhu, abaceli njengoba uJesu asho. Sizama ukwenza uNkulunkulu afane no—afane nomfana othunywayo, “Nkosi, Ngenzele *lokhu!* Futhi Ngenzele *lokhu!* Futhi Uzofanele wenze *lokho,*” siMtshele ukuthi akenzeni.

⁷⁸ UJesu wathi, “Uma nikhuleka, khulekani ngalendlela, ‘Baba wethu Osezulwini, malingcweliswe iGama laKho. Umbuso waKho mawufike. Mayenziwe intando yaKho.’” Ngubani, thola ukuthi sikwenzaphi lokho na? Sifuna njalo uNkulunkulu asenzele umsebenzi wokuthunywa, noma asenzele okuthile. Kodwa uma sivuma ukuthi, “Mayenziwe intando yaKhe,” sizinikele kuYe, sinikele izindlela zethu kuYe. Konke lokho esiyikho, sikunikele kuYe. Yilapho uNkulunkulu ezohamba, lapho uvuma ukuMyekela asebenze kuwe, hhayi wena usebenza kuYe.

⁷⁹ Makakutshela Yena, hhayi wena utshela Yena futhi ukusonte nxazonke. “Woza enqubweni yethu, O Nkosi Nkulunkulu, senze sonke sibe ngamaMethodisti, sonke sibe yiPentecostal, ibuse phezu kwabo bonke. Sifuna isihlakani, thina bantu bePentecostal, thina maMethodisti neBaptisti.” Sinamakholi, sakha amakhulu kakhulu, sithi, “U—ukuphela kwesikhathi sekusondele, ukuFika kweNkosi,” sakha amakholi abiza izigidi zamadola, kanjalonjalo. Sizama kukuphi na? Sitholele umesiya. Kunjalo.

⁸⁰ Makuthi iNkosi iphakamise into ethize endaweni ethile, lonke ihlelo libatholela uhlobo olufanayo. Kunjalo impela. Thola. Bhekisisani lapho ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kugadla, bangaki abaphilisi ngokukaNkulunkulu na? Lonke lalifanele libe nomphilisi ngokukaNkulunkulu.

⁸¹ Kwakukhona uMose oyedwa ezinsukwini zalokho kuphuma. Kwakukhona u-Eliya oyedwa, u-Elisha oyedwa, u-Isaya oyedwa, kanjalonjalo.

⁸² Manje siyathola ukuthi izwe lifuna umesiya walo. IRashiya ifuna owalo, ne-United States ifuna owalo, ibandla lezwe lifuna owalo. Ngalinye lifuna umesiya walo, kodwa bakufuna ngendlela leyo—leyo abangayilawula. Bafuna ukuba nokulawula phezu kwalomesiya. O, impela. Yebo, bona, uma bebengahle bebenakho. Uma uNkulunkulu ezokuthumela ngokunambitha kwabo, impela bebeyokwemukela. Kodwa niyabo, khona-ke, uNkulunkulu uyazazi izidingo zabo. Yena, Akethembisanga ukusithumelela okwethu esikufunayo nalokho esikucelayo, kodwa izidingo zethu.

⁸³ Bafuna ujenene; bathola iNgane. Niyabo, yilokho ababekudinga. Babedinga ingane (ini?) ukwehlisa isithunzi, ukubathobisa.

⁸⁴ Yilokho ibandla elizaziyo elikudingayo namuhla, lizithobe libuyele emuva futhi. Lifike endaweni, akukho ukuvuma izono futhi alukho uthando phakathi kwabantu. Kubekeka sengathi kuyafa nsuku zonke. Ibandla liyaphola. Yonke indawo, uthola imvuselelo isiphelile, futhi uthola ukuphola. Sidinga ukwehlisa isithunzi. Futhi thina . . .

⁸⁵ Bacela ujenene; futhi bathola iWundlu. Kungani na? Lokho yi, uNkulunkulu wayazi ukuthi yini ababeyidinga. Yilokho ababekudinga. Babedinga uMsindisi. Babecabanga ukuthi babesindisiwe, kodwa uNkulunkulu wayazi babengenjalo.

⁸⁶ Futhi yilokho izwe elikudingayo namhlanje, futhi, nguMsindisi, uMsindisi walesisimo, into ethize engakuhlanganisa ndawonye. Hhayi umbuso ofundile, uhlobo oluthile lwenqubo yobukhenikha, noma uhlobo oluthile lwenqubo yezemfundo. Esikudingayo aMandla eNkosi uJesu Kristu, nomusa osindisayo, ubuyele emuva ebandleni futhi, lapho amadoda, abesifazane, abafana, namantombazane, bengasindiswa.

⁸⁷ Ngabe sesilinde isikhathi eside kakhulu na? Ngabe bakhona abanengi abangaphandle abangasoze bangena na? Ngabe igama lokugcina selihlengiwe na? Ngabe yilokho okuyindaba namuhla na? Kuzoba njalo, uyazi. Niyazi, kalula beku—kungaba njalo, futhi kungalokothi kuphazamise imiBhalo, nhlobo. Bekungaba njalo. Ngakho-ke, asazi manje, masiqaphele.

⁸⁸ Kodwa babecabanga ukuthi babesindisiwe, futhi—futhi, kodwa uNkulunkulu wayazi kangcono kunoma babenzile. Futhi into efanayo iyenzeka namuhla.

⁸⁹ Babethathe iZwi lelo uNkulunkulu ayebanike lona langalolosuku, ukuthi babefanele bazi usuku Ayezofika ngalo, futhi wayenze isiko ngaLo. UJesu wathi, “Nithathe iZwi likaNkulunkulu futhi naLenza ize, ngamasiko enu.”

⁹⁰ Leyo yinto efanayo eyenzeke namhlanje ngezinqubo zethu, inqubo yezwe yezenkolo. Izinqubo zomhlaba zithathe iZwi kaNkulunkulu futhi zaLenza isiko. Futhi yingalesosizathu Lingenamthelela kuLo. Akukho lutho oLuyophuma kuLo, ngoba Lixutshiwe.

⁹¹ Angeke ubeke uhlamvu lommbila lwangoqobo entweni engeke, ngaphandle uma kungumhlaba, futhi angeke lukhule. Ungalubeka elangeni futhi uligcine lifudumele, ungenza okufunayo, kodwa kuthatha uhlobo oluthile lomhlaba. Lufanele lube phakathi lapho. Lufanele lumbelwe. Lufanele lube ngaphansi kwesimo sendawo esifanele, ukulwenza luthle.

⁹² Futhi kanjalo neZwi likaNkulunkulu! Angeke uthathe ibandla futhi uliphilise, esikweni elithile. Ungahle ulethe amalunga, ngezigidi, kodwa awusoze wehlisa aMandla kaNkulunkulu size sibuyele eZwini lasekuqaleni futhi, sibuyele esisekelweni seZwi, sibuyele eGazini, sibuyele ku—kuJesu Kristu, sibuyele emihlanganweni yomkhuleko eyimfashini endala, fithi sibuyele kuNkulunkulu! Singahle ukuba sesihambe kakhulu, manje, ukuthi ihora seledlule kude. Kodwa, noma kanjani, iVangeli lifanele lishunyayelwe. Asifanele sahlulele lokho.

⁹³ UNkulunkulu wayazi ukuthi yini ababeyidinga, ngakho-ke Wabanika lokho ababekudinga. Ngakho-ke futhi, siyathola, lokho ababenakho, senze into efanayo.

⁹⁴ IRashiya nabo bonke abanye babo bafuna owabo. Futhi ososayensi abehlukene bafuna ukuzenzela igama elikhulu. Isizwe ngasinye sifuna ukuthola indoda yayo enobuchopho. Sifuna owethu. Sifuna inqubo yezemfundo kulo. Sifuna ubuhlelo. Yilokho impela nje esikutholile. Yilokho enikwenzile. Yilokho ebenikufuna, yilokho uNkulunkulu aninike khona. Manje nizokwenzani ngakho emva kokuba senikutholile na?

⁹⁵ Sikhuluma ngeRashiya omunye umzuzu. AmaRashiya abiza umuntu onganqoba umkhathi. Bayabaqeqesha ngokukhulu ukushesha abangakwenza, ososayensi babo. Kuthiwani uma bethola oyedwa, kuthiwani uma bethola umesiya wabo, sizokwenzenjani na? Futhi siyazidabukela uma bekuthola! Khumbulani, iJamane ithole nje umesiya onjalo kungekudala, kungekudala kakhulu, uHitler. Futhi siyazi ukuthi kwenzeni kubo.

⁹⁶ Manje kuthiwani ngebandla, hlobo luni lukamesiya ibandla elimbhekile, namhlanje na? Nina, ibandla, ukhale kakhulu ukwedlula bonke. Ngakho-ke, yini esiyimpongolozelelayo ngomesiya, simpongolozela ini na? “Imvuselelo esikhathini sethu! Emuva *lokhu, lokho*, futhi *okunye*.” Yini abayibhekile, ukuthi ikwenze na? Yini okunye enikufunayo na? Lifunani ibandla, empeleni na?

⁹⁷ Sesivele sinaKho! UNkulunkulu wasinika Khona. Yisithembiso saKhe salelihora. Sibuka eBhayibhelini, sikubona kuyo yonke indawo kudabule eBhayibhelini. Abagcotshiwewo bayeza futhi benze leloZwi liphile futhi, khona ngqo ehoreni lalohora. Futhi sinoMesiya. Nguye Lona, iZwi! “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.” Futhi iZwi lihlala linguNkulunkulu, kumaHeberu 13:8, “Onguyena izolo, namuhla, naphakade.” Siyazi ukuthi yini efanele yenzeke kulolusuku. Sifuna uMesiya. Futhi uNkulunkulu wasinika uMesiya, iZwi laKhe elithenjisiwe lalolusuku. Lilinde nje umuntu othile onokukholwa, ukuLigcoba nokuLenza liphile futhi. Yebo, mnumzane. LinguMesiya wangempela, LiyiZwi likaNkulunkulu. Okungukuthi, uJesu wathi, “Kuyakudlula kokubili amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze ledlula.”

⁹⁸ Kodwa ibandla lihleli lifile ngokomoya, alisekho, ihora selibedlulile. Basekuncipheni, futhi kul’khuni ukwazi ukuthi benzeni, omunye egijima *ngalendlela* futhi omunye *ngaleyondlela*. Futhi lapha sonke isithembiso uNkulunkulu asenza eBhayibhelini, bonke, ulele lapho elungile njengoba bake babanjalo. Yihora! Yini eyenza ibandla lithande lokhu na? Sisonyakeni waseLawodikeya, lapho lizofanele lize ngalendlela. Leli yihora lakho.

⁹⁹ Kodwa khumbulani, phakathi lapho yihora lapho intombi elele ifika khona ukuzothenga amaFutha, futhi lelo kwakuyihora elifanayo uMyeni afika ngalo. Siyathola namhlanje, ama-Episcopalian, amaPresbyterian, namahlelo ehlukene, ukuthi, eminyakeni embalwa eyedlule, ubungeke uqashwe ukuba uhambe uzungeze inqwaba yamakholwa ePentecostal. Impela ngeke. Kodwa nampaya, namuhla, bengena. Anazi yini ukuthi uJesu wathini na? Zangena ukuzothenga amaFutha, futhi zathi, “Sipheni kwawenu amaFutha.” Lezo ezazinamaFutha, zathi, “Akunjalo. Hambani niyoWathenga, funa...kulabo abawathengisayo.” Futhi ngenkathi zisahambile ukuyoWathenga, ngenkathi zisazama ukuWathola! Niyazi ukuthi yiliphi ihora esiphila kulo, bantu bePentecostal na? Lapho zifika, kungahle ukuba zathola ukudideka, zingahle ukuba zenza *lokhu, lokho*, noma *okunye*; kodwa, ngokwemiBhalo, aziWatholanga. Ngenkathi zisazama ukukwenza, kungahle ukuba zahamba zedlula kuwo onke amadlingozi, zonke izimfundiso ezigqamile nemizwa, kodwa

udeveli angalingisa zonke lezozinto. Ngenkathi zisaWathenga, noma zizama ukuWathola, uMyeni wafika, futhi lezo ezazinamaFutha zangena.

¹⁰⁰ Futhi nanto ihora esiphila kulo. Asikaze sikubone phambilini. UJesu wathi kuzoba njalo, khona-ke kunjalo! Yini esiyibonayo na? Sibona iZwi, uNkulunkulu alisho ukuthi liyokwenzeka ngalolusuku, lwenzeke khona ngaphansi kobuso bethu. “O, khona-ke vukani, nina bangcwele beNkosi, kungani nozela lapho ukuphela sekusondela; asilungele lokho kubiza kokugcina,” ngokuba asazi ukuthi kuzoba nini. Yebo.

¹⁰¹ Inqubo yethu yezwe, inqubo yebandla lethu, inqubo yethu yamahlelo, zonke izinqubo zethu, zingcolile futhi zonakalisiwe. Esikusweleyo namuhla yilokho abebenakho izolo. Kunjalo. Kubukeka njengokoma, kwamabandla, kunzima ukuthola ibandla noma yikuphi eliphilayo neZwi nangoMoya kaNkulunkulu, nezinto ezinkulu ezenzekayo njengoba kwakunjalo kungekudala.

¹⁰² Manje, sithola ukuthi uNkulunkulu uyazi ukuthi babedingani, ngakho U—Uhlala njalo esiphendula isithembiso. YileliZwi nje elikhulu esilibonayo, isithembiso, bebefanele bazi nje ukuthi kwakuyilokho impela uNkulunkulu akuthembisa, lokho okwakuzokwenzeka ngalolosuku.

Wena uthi, “Kanjani, yini eyayizokwenzeka na?”

¹⁰³ U-Isaya 9:6, umprofethi wathi, “Sizalelwe uMntwana, iNdodana, uMntwana; iNdodana iyazalwa, uMntwana uphiwe: futhi iGama laKhe liyobizwa ngokuhi ‘UMluleki, iNkosana yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaphakade’; futhi umbuso uyakuba phezu kwamahlombe aKhe, futhi okoMbuso waKhe lapho akusoze kwaphela.”

¹⁰⁴ Siyazi ukuthi sasizoba noMntwana ozalwayo ngalolosuku, intombi iyokhulelwa futhi ilethe uMntwana. Futhi aKazange afike edlule nanganoma iyiphi yezinqubo zabo, ngakho-ke babengafuni kuzihlanganisa ngalutho naYe. BaMenqaba. Kodwa iZwi eligcotshiwe, uNkulunkulu (u-Emanuweli) wenziwa inyama phakathi kwabo, wama lapho, Wathi, “Yimuphi kini ongamangalela Mina ngesono, ukungakholwa na? Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade, futhi yiyona efakaza ngaMi.” Wakhonjisiswa ukuthi WayenguMesiya, uMesiya owayezothatha indawo ngalolosuku. Futhi izinqubo zazi—zazixove ingqondo yabantu ngakho konke, ngemithetho yezinqubo eminingi, nokunye nokunye, baze benza iZwi likaNkulunkulu ize. Abazange babone ukuthi WayenguMesiya.

¹⁰⁵ Futhi njengoba kwenzeka ngaleyonkathi, kanjalo kwenzekile futhi. Kunjalo. Izinqubo zezwe, omakhenikha, banamapistini lapho i—lapho ipayipi lika-okzozo lifanele libe khona, ezakhini-mshini zabo ezinkulu. Futhi ngakho-

ke ingahamba kanjani na? Angeke ikwenze. Ayenziwanga ngaleyondlela.

¹⁰⁶ IBandla angeke lihambe ngaphandle kwaMandla kaNkulunkulu, ngeZwi. Futhi uMoya oNgcwele uzoqinisa kuphela iZwi likaNkulunkulu, ngokuba yilokho eLifanele likwenze. Ugcobo ukuqinisa iZwi.

¹⁰⁷ Futhi uJesu wayeNgcotshiwewo, iZwi lenziwa inyama. Yingalesosizathu Ahamba waphumela emanzini lapho, WayeyiZwi liza kumprofethi. Wabhaphathizwa ngumprofethi. Nomprofethi khona-ke waphakama, futhi wathi, “Ngimele nginciphe mina; akhule Yena.” Sithola ukuthi leyo yindlela kaNkulunkulu yokukwenza.

¹⁰⁸ Kodwa ngabe baLemukela na? Babefanele baLazi. Babefanele babhekisise izenzo zikaNkulunkulu. Balibona iZwi ligcwaliseka. Babazi ukuthi imiBhalo yakusho, kodwa babengenakuLikhohla ukuthi Lalizofika kanjalo. Lalifanele lize kubaFarisi noma abaSadusi. Uma liza kubaFarisi, abaSadusi babengeke baLemukele. Ngapha nangapha, a—abaSadusi babengeke baLemukele, ngoba bathi abaFarisi babezoba naLo.

¹⁰⁹ Futhi nje kungaleyondlela namhlanje, izinqubo zethu, nayo yonke into yayibolile futhi ingcolile. O, he! Ihora esiphila kulo manje, izwe eliphuphuthekile, lihamba ebumnyameni, likhothama ezinqubweni zalezizwe, njengemvu engenamelusi wezimvu. Lapho basebeneZwi likaNkulunkulu ophilayo eqinisekiswa phambi kwabo, futhi wamuka khona lapho ngqo ephuphuthekile, futhi uyaLishiya, ungayilindela kanjani enye into na? Amen. Nakho lapho okhona.

¹¹⁰ Khona-ke, izwe liyahlakazeka. Ngani na? Lona impela iZwi elakubophela ndawonye lenqatshiwe. Siyakuthola lokho kumaHeberu, isahluko 11.

¹¹¹ U-Einstein washo. Ngangilalele isifundo sakhe, lapha ngobunye ubusuku, eNew York City, ukuthi wenza esinye zezifundo zakhe zokugcina. Wayekhuluma ngesixuku, umthala omncane, kwakuyiwo, ngaphandle esixukwini. Wathi, “Uma umuntu eqale wadabula emkhathini, ehamba ngesivinini sokukhanya...” Kuyini lokho, izinkulungwane eziyisishiyagalombili... [Omunye uthi, “Ikhulu namashumi ayisishiyagalombili nesithupha.”—Umdl.] Ikhulu namashumi ayisishiyagalombili nesithupha ezinkulungwane zamamayela ngomzuzwana. “Bekuyomthatha ikhulu, kumthathe iminyaka yokukhanya eyizigidi eziyikhulu namashumi amahlanu ukufika lapho.” Wathola iPhakade. Khona-ke wathi, “Ukubuyela emuva, bekuyomthatha eminye iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amahlanu, obekuyoba iminyaka eyizigidi ezingamakhulu amathathu. Futhi umkhathi, ayewuhambile esuka emhlabeni, bekuyoba yiminyaka engamashumi amahlanu

kuphela.” Nakho lapho okhona, ubhobokele ePhakadeni! O, he! Ubukhulu bukaNkulunkulu, lapho enza wonke umgudu ophathelene nelanga!

¹¹² Nalosonkanyezi, ngelinye ilanga, endiza ezungeza phezulu eRashiya lapho, futhi wathi yena “akabonanga Nkulunkulu, iziNgelosi.” Abantu bangaba ngabangazi lutho kanjani! Ngenkathi . . .

¹¹³ Nkulunkulu! Futhi wonke umgudu ophathelene nelanga, Wakuphephetha kwasuka ezandleni zaKhe; futhi Wahhala iminyaka eyizigidi eminingi kakhulu, iminyaka yokukhanya, ngaleya kwalokho. Futhi yonke into isekelwa ngaMandla aKhe neZwi laKhe. Haleluya! Yonke inkanyezi izofanele ilenge endaweni yayo. Yebo, mnumzane! Khona-ke, wayethobe ngokwenele ukuba ehle futhi enziwe omunye wethu, ukuba asifele; asinazaba. Uma eyodwa yalezozinkanyezi bekungenzeka ihambe isuke engoxeni yayo, isuke emkhondweni wayo lapho ikhona, uma lokho bekungahamba, bekungaphazamisa inqubo yonke. Inqubo yonke ifanele iphenduke ngokufanayo ncamashi, ngoba eyodwa ithembele kwenye.

¹¹⁴ Futhi inqubo kaNkulunkulu, uma isekuzwaneni okuphelele naYe, yonke into isebenza ngokuphelele. Kunjalo, ngoba ifanele.

¹¹⁵ Kodwa ibandla alikaze lithathe inqubo kaNkulunkulu, lenza inqubo yalo uqobo. Yingalesosizathu sonke siphumile ekuvumelaneni. Yingalesosizathu ibandla lintengantenga kakhulu. Yingalesosizathu izwe lihlakazeka namuhla, ngoba semukele zinqubo zethu uqobo. Yingalesosizathu izwe lezombusazwe lihlakazeka. Yingalesosizathu izwe lezenkolo lihlakazekile, yingenxa yokuthi semukele inqubo esikhundleni sokuthatha icebo laPhakade likaNkulunkulu leminyaka. Amen. Yileyo inkathazo ngezwe. Yilokho impela okuyiphutha, yingenxa yokuthi bemukele enye into ethize. Ithole abantu kanjalo, “NgiyiPresbyterian. NgiyiMethodisti. Ngingowe-Oneness. Ngingowe-Threeness. Ngiyi . . .” O, bakithi! Akumangalisi ukuthi ngeke sakuhlanganisa, akukho lutho lokusihlanganisa.

¹¹⁶ UMnu. Nixon wenze ukuphawula okugqame ukwedlula konke engikuzwile noma yimuphi umongameli noma iphini likamongameli likwenza eminyakeni embalwa edlule, ngenkathi esho ngelinye ilanga, “Yini inkathazo ngabantu baseMelika, balahlekelwe uthando nenhlonipho omunye komunye.” Njengoba izakhamizi zaseMelika zidubulana zilahlana phansi, emgwaqeni, singakwenza kanjani na? He!

¹¹⁷ Uma ungeke wehluke kumuntu, futhi umthande ngesikhathi esifanayo, khona-ke thula du. Uma ungeke umtshale, njengobabayi eqondisa umntwana wakhe, ngengalo evumayo ukumgaxa ngayo entanyeni yakhe futhi amgone emva kwalokho, kungcono ukuyeke. Awuhambanga waya kude

ngokwanele, qobo lwakho, ukwazi ukuthi ukhuluma ngani. Kunjalo. Ngingaphikisana nendoda, impela; noma kunjalo isengumfowethu, ngizobamba isandla sayo. Angeke ngimvumele azedlulele ngalokho; uma ngikwenza, uma ngingamtshelanga, bengingeke ngibe umfowethu olungile kuye. Kunjalo. Kodwa ngingamtshela, futhi ngimtshela ukuthi ngiyamthanda, futhi ngikufakazise kuye ukuthi, ngiyamthanda.

¹¹⁸ Awudingekile ukuba umdubule umlahle phansi, esitaladini. Ngiyahluka kuMnu. Kennedy ne—nezombusazwe zakhe, nenkolo yakhe, kanjalonjalo, kodwa yena akakufanelanga lokho. Qhabo, mnumzane. Qhabo, impela. Akekho umuntu okufanele lokho.

¹¹⁹ Ngakho-ke, sithola ukuthi izwe lonke lonakele. Isizwe sakithi, ezombusazwe, izinqubo zezenkolo, nakho konke, konakele.

¹²⁰ Lilindile nje. IZwi likaNkulunkulu, elaprofethelwa lalolusuku, lulinde umuntu othile ukuba afike ngapha futhi aLiqinisekise. Angazi noma Usevele ukwenzile na? Khona-ke sikuphi manje-ke uma Esekwenzile na? Uma Ekwenzile, khona-ke sikuphi na? Silusizi kakhulu!

¹²¹ Ngasho into enzima ngoNkk. Kennedy, izikhathi ezithi azibe mbili, ngaye elungisa izimfashini zezwe, nalokhu kugunda izinwele zibe yinkimbinkimbi, futhi, “Ukuthi kanjani odadewethu nabo begunda izinwele zabo, futhi bagqoka njengoNkk. Kennedy,” ngathi, “njengoJezebeli wasendulo.” Lelo yiqiniso. Ngiyakukholwa lokho. Ngi—ngi—ngiyamdabukela umama omncane lapho kulobubusuku, nabantwana bakhe, kunjalo impela.

¹²² Kodwa ake nginibuze okuthize. Ukuba uJacqueline Kennedy ubeyizwile iMilayezo lokho abanye benu maPentecostal anakho, mayelana nokuphungula izinwele zenu nezinto, kungahle ukuba akaze ngisho aphungule izinwele. Nifanele nibe yipentecostal, futhi nisakwenza namanje! E-hhe. E-hhe. Angahle angakwenzi ukuba ubenethuba futhi wezwa uMlayezo, niyabo, eniwuzwile. Nakho lapho okhona. Sisendaweni embi, bafo. Kunjalo impela. Yebo, impela. O Nkulunkulu, kanjani ukuziphatha, into . . .

¹²³ Ubufazane ngenye yezinto ehlanganise isizwe sakithi ndawonye. Bungumgogodla. Futhi ubufazane, ubumsulwa obukahle uNkulunkulu abunika owesifazane ukuba abe ngumama, ngani, se—se—sebhuhabile. Kudala bane—bane— a—abesifazane balelizwe, ubumsulwa babo, bakhothamele onkulunkulukazi bemfashini baseHollywood; bezifanekisa ngokwabo, futhi bezigqokisa ngokwabo, futhi benza njengoba lezi ezinye izingcweti zaseHollywood zenza. Futhi izikhathi eziningi ukuthi ngisho begqoka ngokungamesabi uNkulunkulu, beheha ngokocansi, kuthathwa njengemfashini emabandleni. Nabelusi emva kwepulpiti, bengenaso i—bengenaso isibindi,

bengenawo—amandla okuqina kaMoya oNgcwele; njengoLoti ehlezi phansi lapho, kukhathaza umphefumulo wakhe, nakokuningi kakhulu kwethikithi lokudla ukutshela abantu ukuthi akulungile. Yebo.

¹²⁴ Esikudingayo namuhla ukusiphula. Singahle sisiphule sesedlule kakhulu isikhathi manje. Ihora kungahle ukuba seledlule. Asikaze sibe nenye imvuselelo. Ngiyazi niyibhekile, kodwa angiyiboni emBhalweni.

¹²⁵ Ngibheke uhlwitho, olwabantu nje abayimbijana. Kunjalo, imbijana nje yabantu. Abasoze bagejwa ezweni. Lapho behamba, awusoze wazi ukuthi seluhambile. Kunjalo. Luyofika njengesela ebusuku.

¹²⁶ Futhi uma Engawunqamuli umsebenzi ube mfishane, ngenxa yabaKhethiweyo! Kukhona abanye abakhethelwa ekuPhila okuPhakade, siyakwazi lokho; bonke ba, abanokuPhila okuPhakade. Futhi uma be—futhi uma be... noma khonake Akayingqamuli, ngenxa yabo, akukho nyama eyosindiswa. Izwe selihlangane nembubhiso yalo, yonke iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Siyazi ukuthi inqubo ihlakazekile. Yahlakazeka ezinsukwini zikaNowa. Izinsuku zikaKristu, yahlakazeka. Futhi lapha ngu 1964 enyuka, ushiya ini na? Iminyaka engamashumi amathathu nesithupha kuya kweminye eyizinkulungwane ezimbili; amashumi amabili nanye, ikhulu minyaka lamashumi amabili nanye. Yini eyenzekayo na? Umsebenzi usalokhu ufanele unqanyulwe ube mfishane. UJesu washo, u—ukonakala kwalolusuku, “Abakhethiweyo bayodukiswa futhi abayikusindiswa, uma bekuyokwenzeka.” Nakho lapho sikhona. Futhi ikhalenda liyasitshela, ngokwesayensi, ukuthi siqhele ngeminyaka eyishumi nanhlanu kulokho. Singemuva ngokwekhalenda lamaRoma, ngokwekhalenda lamaJuda, ukuthi sineminyaka eyishumi nanhlanu, iminyaka engamashumi amabili ngemuva kulokho.

¹²⁷ Ngakho sikuphi na? Sibona izizwe ziyehlukana, no-Israyeli uyaphaphama, izibonakaliso lezo leliBhayibheli elazibikezela ngalolusuku. Sibona izinto zomshini zenzeka. Manje uMoya, izihambisi-mshini zalaloZwi elithenjisiwe, ukuba zingene eBandleni laKhe futhi libaqhubele eKalvari ngaleya, nasoHlwithweni! Futhi nakho lapho sikhona.

¹²⁸ Akumangalisi sihlakazeka, akukho lutho... Yona kanye iNto eyadala umhlaba, yona kanye leyoNto eyabekwa lapha emhlabeni ukuba ivule, yona kanye iNto lezozinqubo nakho konke okunye kwakuzogingqika kuzungeza, leliZwi lelo, ngoNkulunkulu, wamisa izwe. U-Einstein washo kweyakhe, wathi, “Kunye kuphela okuchaza umBhalo... Kukodwa kuphela okuchaza ngalelizwe ngokubakhona,” washo, “lokho ngamaHeberu 11, ‘Ngokukholwa siyaliqonda iZwi le... ngeZwi likaNkulunkulu, ukuthi amazwe adatshulwa ndawonye ngeZwi

likaNkulunkulu.” Yilokho kuphela. Akekho omunye ongasho ukuthi lilenga kanjani lapho emoyeni, nokuthi lingaphenduka kanjani futhi lenze amahora angamashumi amabili nane alo lizungeze inkabazwe, nokunye nokunye kanjalo, futhi lizungeze emkhondweni walo, yonke indawo, bese libuyela emuva endaweni efanayo futhi lingalokothi ligeje umzuzwana. Futhi yonke inkanyezi iphenduka esiyingini sayo kanjalo, futhi zizizana lapho zihamba zizungeza.

¹²⁹ Ukuthi inyanga ibuka kanjani phansi lapho phezu kolwandle! Uma leyonyanga ike yaphuma endaweni yayo, besiyombozwa ngamafidi ayikhulu amanzi, ngomzuzwana nje, noma emibili. Leyonyanga! Bukani, ngisho ubungabhola imbobo lapha, nina bantu nibhola u-oyela, nibhola phansi lapha. Bukani ukuthi ugu luqhele kangakanani kini na? Nibhola imbobo phansi lapha emhlabathini, futhi nibuke esikhathini sakusihlwa, ukuthi amagagasi lingena kanjani, lizoletsa amanzi phezulu epayipini lakho, amanzi akho anosawoti. Impela. Kuyini na? Leyonyanga iyalulawula, ngaleya.

¹³⁰ Yinqubo kaNkulunkulu. Yicebo likaNkulunkulu. NguMyalo kaNkulunkulu. Kodwa, senza okwethu uqobo, angeke sithathe okwaKhe. Asisheshise manje, ukuze siqede. Njengaleyonkathi, kuyafana kuloKhisimusi, siyalithola izwe lethu lhlakazeka. O!

¹³¹ UNkulunkulu wagcotshwa, futhi Wethembisa iZwi laKhe. Wasigcoba emuva lapho, futhi Wasitshela, wabatshela, “Ngenkathi Egcoba uJesu Kristu...” UPetru washo ngoSuku lwePhentekoste, wathi, “UJesu Kristu, iNdoda efakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwenu ngezibonakaliso nezimangaliso, lokho Akwenza phakathi kwenu; nina gobo lwenu niyazi.” Bangofakazi. Futhi wathi, “Emva kovuko, nokunye nokunye, ukuthi Wakwenza kanjani! Ukuthi nayithatha kanjani ngezandla ezimbi iNkosi yokuPhila futhi nayibethela, uNkulunkulu Ayivusa; futhi singofakazi.” Wafika kanjani uNikodemu futhi wathi, “Rabi, siyazi. Thina baFarisi, iziNkantolo zeSanhedrini phezulu lapho, siyazi ukuthi Wena unguMfundisi othunywe nguNkulunkulu. Akekho umuntu obengenza lezizinto Ozenzayo ngaphandle uma kungokukaNkulunkulu.” Babazi ukuthi lesosithembiso sasingesalapho, futhi babazi ukuthi sasinjalo, kodwa izinqubo zabo zazibabophe kakhulu kwaze kwaba abakwazanga ukwenza lutho ngakho.

¹³² Kunjalo namhlanje, into efanayo impela. Angeke ukwenze, uzoyekela ikhadi lakho lobudlelwane okokuqala lapho ukwenza. Vele nje umake phandle lapho kuleloZwi likaNkulunkulu ngesinye isikhathi, ubone ukuthi kwenzekani; usuphelile. Awusoze waba ngothandwa ngabantu. Uyoxoshwa phakathi kwabo, futhi konke okunye.

¹³³ O, uma unenkonzo encane, bazokubamba ngaleyomali abangakwenza, badonsele isixuku sisuke enkonzweni yakho,

badonse imali nezinto. Kodwa qaphelani nje uma kuza eZwini, baqapheleni ukuthi basekela kanjani kuLokho. Nicabanga ukuthi inceku kaNkulunkulu ayikwazi lokho na? Awu, uJesu wayazi ukuthi ngisho uJuda wayephakathi kwaKhe. Kungani uJesu engashongo okuthile kuJuda na? Isizathu esifanayo namhlanje, ufanele ulinde lize lelohora lifike ngalokho kukhohlisa. Kunjalo. Bakutholile. Bazokuthola.

¹³⁴ Qaphelani, kodwa babengayifuni indlela Afika ngayo, kunjalo nanamuhla. Amabandla khona-ke ayefuna izinqubo zawo zigcotshwe. AbaFarisi babefuna inqubo yobuFarisi igcotshwe, abasadusi bafuna inqubo yabasadusi, abakaHerodi kanjalo, kanjalonjalo. Kungaleyondlela namuhla. Uma bezo... Uma uNkulunkulu ezothumela ugcobo, futhi agcobe i-Oneness, o, he, bebengeke yini batshele iTwonest ngakho, noma iThreeness, noma ngabe kuyini na? Abengeke yini ama-Assemblies atshele i-Oneness ngakho na? “Nginitshelile ukuthi besiqinisile!” IMethodisti ibiyotshela iBaptisti, “O mfana, uyabo, simtholile!” Nifuna inqubo yenu igcotshwe.

¹³⁵ Kodwa uNkulunkulu wethembisa kuphela ukugcoba iZwi laKhe. Amen! Ngiyazi lokho kuyashisa, kodwa yilokho okuyiQiniso. UNkulunkulu akaguquki neze. Ugcoba iZwi laKhe. Yebo, mnumzane. Abagcotshiweyo, iZwi elithenjisiwe lalowonyaka yilokho uNkulunkulu akugcobayo. IZwi elithenjisiwe lalowonyaka!

¹³⁶ Namuhla bafuna inqubo yezemfundo, (ngani na?) ngakho-ke bangenza noma yini abayifunayo, futhi bebe besalokhu bebambe ukuvuma kwabo kobuKristu. O, uma banento ethize enkulu kakhulu, lapho ungangena khona, wehle ngolayini, nezinto, nokuhlafuna ushungami, no-nokukhahlelana ohlangothini; nokuphuma futhi ube namahhlo okuzilibazisa nezinto, lapho nonke eniphumela khona futhi nidlale ibhasketbholi nezinto ezinjalo. Anginalutho olumelene nebhasketbholi, ibheyisbholi, ibhola lezinyawo, noma ngabe kuyini, elikhulu... uma lokho kuyikho konke unkulunkulu ayikho, yisikhwama esikhulu somoya. Kodwa ake nginitshela, esikudingayo namuhla yiZwi likaNkulunkulu, eligcotshelwe lonyaka, elizoveza aMandla kaMoya oNgewele futhi. Yebo, lokho kulungile, kodwa lokho akusikho okwebandla. Qhabo, mnumzane. Uzofanele wakhe okuthile kanjalo, ukugcina ibandla ndawonye, kungcono ukulothise noma ukuxoshe, noma uthole okuthize phakathi lapho okuzoletha iZwi emuva futhi. Futhi lokho yizinto zezwe, o, ulixubanise neZwi likaNkulunkulu, angeke ukwenze. Qhabo, mnumzane.

¹³⁷ Yebo, mnumzane, manje bafuna inqubo. Izwe lizothatha inqubo. Manje siyathola, inqubo encane ngayinye ngokwayo uqobo, ngamunye wabo uthi, “Ngifuna Kuze kimi. Ngifuna Kuze kokwami.” O, bathola imishini emikhulu, futhi bafundisa abashumayeli, nezinto ezifana nalokho, futhi babakhophe,

babachamusele baphume, mfana, ngokuhlakanipha; kuze, he, umfo ezwe amazwi akhe, ukukhulunywa nokubhalwa kolwimi kwakhe, kubi kakhulu, uyazonda ngisho ukungena epulpiti emuva kwelilodwa. Kodwa esikudingayo namuhla akusiyo inqubo yemfundo, akuzona izincwadi zezenkolo.

¹³⁸ Esikudingayo namhlanje iVangeli eliphethwe ngaMandla kaNkulunkulu, ukuqinisekisa iZwi lalelihora, lapho kuzoza umuntu othize ozosukuma futhi abize ubumnyama “ngobumnyama,” nokumhlophe “ngokumhlophe,” umuntu othize ozosukuma futhi akhulume iQiniso, noma ngabe Liyobula isikhumba noma likuhlubule izimpahla, noma yini eLikwenzayo. Yilokho impela i—lokho ihora elikubizayo, namhlanje.

¹³⁹ Kodwa abantu bafuna into ethize. Abantu namhlanje, abesifazane, bafuna ini na? Bafuna a—a—abantu, umelusi, ozosukuma futhi athi, “Kulungile. Ungakwenza *lokhu*, noma wenze *lokho*. Noma, lokho kulungile, akukho lutho olungalungile ngalokho, sithandwa.” Lowomshumayeli udinga ukubhaxabula kweVangeli; avumele izinwele eziphunguliwe, kugcotshwe opende.

Qhabo, wena uthi, “Kuhlanganisani lokho naLo na?”

¹⁴⁰ Anazi yini ukuthi ingaphandle lenu likhombisa okungaphakathi na? Alisho yini iBhayibheli ukuthi anifanele nenze lokho na? “Akuvamile neze ngisho ukuba owesifazane akhuleke kanjalo.”

¹⁴¹ Futhi wena ndoda ufuna into enjalo na? Bashumayeli, angeke nakusho, ngoba uzoyekela ikhadi lakho lenhlanganyelo, umkhandlu omkhulu uzokukhahlela ukukhiphe uma usho okuthile ngakho. Nkulunkulu siza indoda ebizocabanga kakhulu ngekhadhi lomkhandlu noma ikhadi lenhlanganyelo kunoma ibiyokwenza ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, neZwi! Ungakwenza kanjani uMoya oNgcwele, owaloba iBhayibheli, uphike lokho Akulobayo na?

¹⁴² “Awu, izinsuku zezimangaliso, o, asikudingi lokho namhlanje. Ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, lezi ezinye izinto, ukuthi, ayikho into enjalo. Lokho ngukubhula, lokho yi, o, kungukufunda ingqondo.” Wena, ompofu, owonakele, yini indaba ngawe na? Sidinga—sidinga iVangeli, uma uMoya oNgcwele ukuwe!

¹⁴³ Uma bengikutshela ukuthi, “Impilo kaBeethoven ibikimi,” bengingabhala umculo. Ukuba uBeethoven wayephila kimi, bengizophila impilo kaBeethoven. Ukuba uShakespeare ubekimi, bengingaqamba izinkondlo. Bengingabhala imidlalo, ukuba uShakespeare wayehlala kimi.

¹⁴⁴ Futhi uma uJesu Kristu ephila kuwe, imisebenzi Ayenzayo, neZwi laKhe, UyiZwi, lizoZiqinisa ngalolusuku, ngaso impela isithembiso Asinikezayo. Amen. Yilokho uNkulunkulu

akulindle. Yilokho okubambe izwe, lihlukane, yini ehlanganise izwe ndawonye, izwe lezenkolo ndawonye, yiZwi laKhe, libambe noma yikuphi kweZwi ndawonye. Ya.

¹⁴⁵ Abantu bafuna lolohlobo lwenqubo, nokho. Bazoyithola. Sebevele bakuyo, njengamanje. UMkhandlu wamaBandla oMhlaba uzobanika lokho nje abakufunayo, bonke ndawonye. Angahlala kanjani lamaPentecostal kulezizingqungquthela, futhi angene eVatican City futhi abhale incwadi esatshalalisiwe, bese ethi, “Into engokomoya kakhulu engake ngayisho, ngenkathi ngihleli eceleni kukaBaba oNgewele uPhapha *S’bani-bani*,” futhi abe yiPentecostal futhi azi ukuthi kanjani. . . Yinhlango efile yamaPentecostal. Yonke into ifile. Yonakele. Ayisekho! Isibuyele emuva ngqo kuMfelandawonye wamaBandla lapho ingeyakhona. Kunjalo impela.

¹⁴⁶ Kodwa iBandla likaNkulunkulu ophilayo, lowoMlobokazi, uqhubekela phambili ngqo ngokufanayo nje. Futhi Uyongena oHlwithweni, ngeZwi, kunjalo, iZwi futhi iZwi liyohlangana ndawonye. Uma siyingxenywe kaKristu, siyingxenywe yaLo, sifanele sibe yiZwi laKhe, ngoba uyiZwi. Kunjalo. Yebo, mnumzane.

¹⁴⁷ Balenqabile iZwi eligcotshiwe lesithembiso, lalonyaka, futhi njalo UyiZwi. Uma uNkulunkulu esithumele eligcotshiwe, iZwi elithenjisiwe futhi, lalonyaka, ngo 1946, Ubeyoba ngofanayo Ayenguye ngenkathi Efika ekuqaleni, iZwi eligcotshiwe lonyaka. AmaHebheru 13:8 aliphonsela ngqo ethangeni lakho, bese uthi, “Unguye izolo, namuhla, naphakade.” Kunjalo impela. Futhi thina. . . Futhi Ubezohlala neZwi elithenjisiwe likaYise lalonyaka. Uma uJesu efika, Ubezoba yikho impela nje iZwi elathi Liyoba yilo kulonyaka.

¹⁴⁸ Yilokho u-Eliya ayeyikho onyakeni wakhe. Yilokho uMose ayeyikho onyakeni wakhe. Yilokho uNowa ayeyikho onyakeni wakhe. Yilokho, yonke indawo, wonke umprofethi owake wafika. Futhi i—iZwi, uma Lifika ekugcwaleni, iZwi lonke lenziwa inyama phakathi kwethu, Lenza khona impela nje lokho Elakusho ukuthi liyokwenza kulowonyaka.

¹⁴⁹ Uma Lifika namhlanje, Ubeyoba nguJesu Kristu impela nje enza isithembiso saKhe salokho Athembisa ukukwenza, njengeZwi nje.

¹⁵⁰ WayeyiZwi. U-Isaya 9:6 nguJesu Kristu. Futhi ngenkathi Enziwe inyama futhi wahlala phakathi kwethu, Kwaphila ncamashi lokho Okwakwenza. UMose washo ngapho, eNcwadini ka-Eksodusi, “iNkosi uNkulunkulu wakho,” noma UDuteronomi, “iNkosi uNkulunkulu wakho iyakuvusa umprofethi, ofana nami; futhi kuyakuthi, noma ngubani ongayikuMlalela, uyakunqunywa phakathi kwa—kwabantu.” Futhi lapho Efika, Wenza khona impela iZwi elathi Wayezokwenza. Futhi bathola amaphutha ngaYe, ngoba

izinqubo zabo zaziLinqumile futhi zenza iZwi likaNkulunkulu alangasebenza kubo. Niyabo? Abazange bayikholwe into efana naLeyo. Abazange balukholwe lolohlobo lwezinto, ngoba zase zisedlulile isikhathi, bacabanga. O!

¹⁵¹ Ngoba, Ulifakazisile iZwi laKhe ukuthi liyafana. Ubeyoliqinisekisa iZwi namuhla, njengoba Aliqinisekisa ngaleyonkathi. Uzolilahla, ngokwesabekayo, yonke inqubo yehlelo ezweni, uma Efika emhlabeni namhlanje. Yilokho Akwenzayo, endaweni yokuqala. Lokho bekuyoba yinto Abeyoyishaya. Yilokho impela Akushaya ngenkathi Efika endaweni yokuqala. Njengoba Enza ngaleyonkathi, ngakho-ke bebeyokwenza ngalesisikhathi, futhi. Futhi Wakwenza-ke, ngokuba Akaliguquli neze iZwi laKhe. Akayiguquli neze inqubo yaKhe. Ihlala njalo ifana, YiZwi eligcotshiwe isikhathi ngasinye, lonyaka. Kunjalo.

¹⁵² Ngakho-ke futhi, njengoba sikuthola namhlanje, uma Efika, amacebo aKhe okuhlanganisa izwe ndawonye azonqatshwa njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi.

¹⁵³ Kodwa lalelani, sengivala, ngifuna ukusho lokhu. Asithenjiswa inqubo, asithenjiswa ihlelo, ihlelo elikhulu, icebo elikhulu lohlobo oluthile. Kodwa sethenjiswa uMbuso, uMbuso wangunaPhakade. Amen. Yilokho esithenjiswe khona, ukuba nokuPhila okuPhakade kuloMbuso oPhakade. Futhi uHulumeni ulawulwa yiNkosi yaPhakade, iZwi laYo eliPhakade linikezelwe ngaphandle kubantu baKhe abanokuPhila okuPhakade. Futhi abantu abanokuPhila okuPhakade abazidli izinto zezwe, kodwa kulotshiwe, ukuthi, “Umuntu uyakuphila ngalo lonke iZwi eliphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Ngakho-ke lapho thina sobabili manje... Semukela loMbuso, futhi sithola ukuthi, “Kuyodlula kokubili izulu nomhlaba, kodwa leliZwi alisoze ledlula.” Futhi leliZwi uMbuso. Leli yiNkosi noMbuso, iNqubo, ukuPhila, ngokunci khona *Lapha*.

¹⁵⁴ Uma uNkulunkulu ahlulela izwe laKhe ngebandla, yilona liphi ibandla Azolehlulela ngalo na? Bangaki olapho na? Amakhulu namakhulu namakhulu amabandla amahlelo ahlukahlukene. Uma iKatolika liqinisile, liphi lona iKatolika na? Uma iGreek Catholic liqinisile, khona-ke iRoma linephutha. Uma iRoma liqinisile, iGreeki linephutha. Ngakho-ke, niyabo, uma iMethodisti liqinisile, iBaptisti inephutha. Uma iBaptisti liqinisile, i—iPentecostal inephutha. Uma iPentecostal liqinisile, khona-ke iPentecostal inephutha. Niyabo? Ngakho-ke nonke beniyodideka kakhulu.

¹⁵⁵ Kodwa uNkulunkulu akasishiyanga singenaye noma yimuphi ufakazi noma—noma—noma yimuphi umgomo esifanele sime ngawo. Lokho yileliZwi! Wathi, “Izwi lomuntu malibe amanga, nelaMi libe yiQiniso.” Kunjalo.

¹⁵⁶ Ngokuba, “Kuyodlula kokubili amazulu nomhlaba.” Sitssheliwe lapha, ukuthi, “Semukela uMbuso ongayikuzanyazanyiswa.” Yebo, mnumzane. Lapho yonke lemibuso yezwe iwa manje, futhi izwe lonke liyahlakazeka, nokho sibhaphathizelwe eMbusweni ongenakunyakaziswa. Amen. Semukela uMbuso. Ngakho-ke, uma izwe lihlakazeka, sizalelwe kuloMbuso ongenakuhlakazeka. YiZwi likaNkulunkulu eliPhakade, futhi simi kulokho. Alisoze lahlakazeka.

¹⁵⁷ Sizwa kakhulu okuningi kakhulu ngalengqubo entsha ezoletha, inqubo yezenkolo, niyazi, izoletha ukuthula phezu komhlaba, lapho iKatolika nawo onke amaProtestani ehlangana ndawonye. Abanye babo bakholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu, abanye abakholelwa, futhi abanye bakholwa *yilokhu*, futhi abanye bakholwa *yilokho*. Futhi ufanele ulahlekelwe ukuqophisana kwakho okukhulu obukade uqophisana ngakho ngasosonke isikhathi, inkolelo yakho yevangeli, ukungena eMkhandlwini woMhlaba. Futhi lonke ihlelo lizofanele lingene lapho. Ngakho-ke, uma ihlelo liqalekisiwe, futhi ukusonta kulo, lenzani na? Likuphosela emuva ngqo. Uma iRoma lingunina wehlelo, futhi liyisilo nophawu lwesilo, khona-ke benza isilo kuwo, umkhandlu, amabandla onke ndawonye enza umfanekiso kuso isilo, ngakho-ke kubuyela emuva ngqo ophawini lwesilo futhi! Inqubo yezwe, ubuhlelo, likhuphule inqubo ukuletha uphawu lwesilo.

¹⁵⁸ Futhi niyakubona njengoba nje nami ngikubona, lokho khona manje kuzophoqwa, ukuthi, konke lokho okungekho kulokho osekuvele kumiswe ngokwenqubo, umshini omkhulu uhlezi lapho; imishini ilapho ilindele uSathane ukuthi angene kuyo, ngezihambisi-mshini. Niyabo? Futhi, uma kukwenza, akekho umuntu ongashumayela iVangeli, akukho muntu, ngaphandle kokuba ngowalengqubo. Nanto uphawu lwesilo. Futhi khumbulani, ngalesosikhathi, uMlobokazi akasekho, ngakho-ke niyabona ukuthi sekusondele kanjani. Kulungile, ngakho niyabona ukuthi sikuphi.

¹⁵⁹ Ningabona ini: lokhu kuncipha okukhulu, lezizinto abaqhubeka ngazo. “O, vukani, nina bangcwele beNkosi, kungani nilala lapho ukuphela kusondela na?” Kungani nikwenza na? Ngesinye isikhathi uyona ususe usuku lwakho lomusa. Ungalokothi ukwenze lokho. Yebo, mnumzane.

¹⁶⁰ Manje, lenqubo angeke ibangele ukuthula kwezwe. Uma lokho bekuyobangela ukuthula kwezwe, kwenzekani eNkosini yokuThula okwakuyiZwi na? Kungumphikukristu ekufundiseni kwakho. Kumelene impela nalokho uNkulunkulu akumela, lokho Asitshela khona. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo,” bakholwa ukuthi lokho ngumbhedo. IZenzo 2:38 ngenye into, kubo, abazi lutho ngazo. Lonke iZwi, nokunye nokunye, abazi lutho ngaLokho, futhi bayaLiphika. Kugcwalisa

lokho impela umprofethi akusho kuThimothewu wesiBili, isahluko 3, “Bayakuba ngabanamawala, abakhukhumele, benesimo sokumesaba uNkulunkulu, futhi bephika aMandla akho, ezinsukwini zokugcina.”

¹⁶¹ Leyonqubo yehlelo iluphawu lwesilo. Benazi. Uma ungakaze ungizwe ngikusho phambilini, yingalesosizathu ngikuzwiswe ubuhlungu kanzima kakhulu. Ngoba manje ngicabanga ukuthi isikhathi sesithi asiphele, ngakho-ke kungakuhle kukuvumele kuze ngaphambili futhi kukhulume iQiniso ngakho. Nanto lapho likhona. Lokho ukuphawula kwesilo, impela. IRoma yayiyisilo, futhi wayeyihlelo, inhlango yokuqala.

¹⁶² Futhi siphuma kulo, thina bantu bePentecostal, ukuba singabi ngabahlanganyeli balo; futhi sabuyela emuva ngqo, “njengenja ebuhlanzweni bayo, nengulube ekuzibhixeni kwayo,” emuva ngqo phakathi. Akumangalisi inqubo yethu yePentecostal isiphelile, kanjalo neyeMethodisti, eyeBaptisti, amaBandla oMkhandlu woMhlaba, nakho konke! Sebegwinywe amaBandla oMkhandlu, enza uphawu noma—noma umfanekiso kuso isilo, ukusinika amandla aso. “Futhi sasinekhandla elidebezwe ukufa, nokuphila-ke,” iRoma lobuhedeni kuya kwiRoma lobuphapha. O, he, aphuphutheke kanjani amaProtestani! Nakhu lapha ukhona, njengamanje uhlezi ngqo phakathi kwakho. Futhi akukho lutho ongalwenza. Inqubo isivele ibunjiwe. Bazoyithatha bangazi ukuthi sebeyithathile. Bazoba phakathi lapho, yilokho kuphela. Angeke baphume kuyo. Sekuvele kwenziwe.

¹⁶³ Akusikho okungaziwa kubantu, nakuba kunjalo. Kushunyayeliwe. Khumbulani, uNkulunkulu unikeze ubufakazi bakho, wakuqinisekisa ngeZwi laKhe. Izinto Athi Wayezozenza, Wazenza nje impela. Ngakho-ke, akunakuzithethelela. Yebo.

¹⁶⁴ Yimishini yamanga. Ilethwe ngezinto nje ncamashi lokho uJesu akwenza, “Nina ngamasiko enu nilenze ize iZwi likaNkulunkulu.” Ngokwenqaba leloZwi leqiniso, sebebuyela entweni efanayo futhi, izimfundiso zabo nento efanayo njangoba babeyiyo ekuqaleni, futhi, okuphikisana noKristu, ukufundisa iZwi emakholweni kulonyaka futhi ubatshela ukuthi be—benqabe futhi bakwale.

¹⁶⁵ Ngenkathi uNkulunkulu enza iZwi laKhe inyama phakathi kwabantu baKhe, onyakeni kaJesu Kristu, ngoKhisimusi wokuqala, waba yini umnyakazo wobuFarisi nawo wonke lamahlelo na? Wathi, “Ungayi ngisho nakowodwa waleyomihlangano. Uma ukwenza, uzoxosha uma ukwenza.”

¹⁶⁶ Aniboni ukuthi izinto ziphindaphindeka kanjani emuva futhi na? “Ngubani loMuntu na? Yisiphi isikole Avela kuso na? Yiliphi ikhadi lenhlanganyelo Analo na? Yiliphi iqembu Analo na? Uvelaphi loMuntu na?” Njengoba, Uyafika namuhla njengoba Enza ngaleyonkathi. “Angeke sibe naloMuntu asibuse.

Angeke sibe namuntu ukuba asitshele ukuthi asenzeni. Siyi-Oneness. Siyi-Threeness. SingamaPresbyterian. Siyilokhu. Asidingeki ukuba sibekezelelane naKho!”

¹⁶⁷ Ngiyazi wena angeke, kodwa kuphakathi kokuthi uzothatha iZwi noma ubhubhe! Yilokho kuphela. Ayikho enye indlela ngaphandle kwaLokho, kodwa Yilokho okusihlanganisa ndawonye. UMBuso kaNkulunkulu awusiwo umbuso walokhu, awusiwo, uMBuso kaNkulunkulu awusiyo inqubo yalelizwe. UJesu washo njalo. UJesu wathi, “UMBuso wami awusiwo owalelizwe. Ukube bekunjalo, izithunywa zaMi beziyokulwa.” UyiZwi.

¹⁶⁸ Sifana no-Abrahama. U-Abrahama wemukela iZwi. Futhi noma yini eyayiphambene neZwi, wakubiza ngokungathi kwakungenjalo. Futhi noma yimuphi umntwana ozelwe ngeqiniso kaNkulunkulu emukela iZwi likaNkulunkulu, futhi, angikhathali ukuthi noma ubani uthini, iyiphi inqubo ekhuluma ngokumelana naleloZwi, iZwi liyiqiniso, noma kanjani.

¹⁶⁹ UNkulunkulu ubophezelekile ukuhlangabezana nawe ezisekelweni zalezozithembiso. Ngaphandle kwalezozithembiso, Angeke ahlanguana nawe, ngoba usuvele uzisike wasuka kuYe. Yingalesosizathu izwe lethu lihlakazeka. Ekuvaleni, singahle sisho lokhu.

¹⁷⁰ Noma yini ephambene naLo, kubasengathi kwakungenjalo. Njengenqubo eyenziwe ngumuntu, asikaze sikubuke lokho. Qhabo, mnumzane. Ngokubhaphathizwa-ke kuloMbuso, sihlezi manje ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, o, he, neNkosi yethu egcotshiweyo kanye nathi; sizondla ngoMbuso waYo, iZwi elithenjisiwe ligcotshiwe futhi laqinisekiswa khona phakathi kwethu. Amen. Whewu! Nakho-ke, isithembiso soMbuso waKhe senziwe ngqo phambi kwethu, ayikho into engakususa kuLo. Qhabo, mnumzane.

¹⁷¹ U-Abrahama, nakuba umkakhe esemdala, naye eya ngokuba mdala ngasonke isikhathi, akumkhathazanga nakancane. Akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu, ngokungakholwa. Kungakhathaleki ukuthi ukusho kangakanani ukuthi, “Akunakwenzeka. Angeke edlule ngakho,” wahlala naKho, noma kanjani. Ngoba ngani na? INkosi yayinaye, imkhombisa imibono futhi imkhombisa ukuthi yini eyayizokwenzeka, futhi kwenzeka njengoba nje Asho, futhi wazi ukuthi kwakunguNkulunkulu.

¹⁷² Futhi uma uNkulunkulu enza isithembiso futhi wena uyasibona, futhi Yena uyasisho futhi siyenzeka, futhi asisho futhi siyenzeka, futhi asisho, siyenzeka, futhi asikaze sehluleke, nguNkulunkulu wosuku. O, sizondla ngalezizithembiso zaseZulwini zeZwi laKhe elithenjisiwe lalonyaka, o, sazi, ngesiqiniseko sangoqobo sokukholwa, ukuthi kuza amazulu amasha nomhlaba omusha. Amen. “Izulu elisha

nomhlaba omusha, ngokuba lelizulu lokuqala nomhlaba wokuqala uzodlula.” Kodwa kulelizulu elisha nomhlaba omusha, kwasho uPawulu ngapha eNcwadini yamaHeberu, amashumi amabili-...14:25, wathi, “Ngokuba semukela uMbuso ongenakunyakaziswa.” Singena kanjani kuwo na? Hhayi ngenqubo yezenkolo; kodwa, uMbuso kaNkulunkulu ungaphakathi kuwe. UMbuso! INkosi neZwi laYo kuyefana, futhi Ungaphakathi kuwe, uqinisekisa ihora esiphila kulo manje. Isithembiso uNkulunkulu asenzela lonyaka, nakhu lapha sikhona, sihlezi neNkosi, sihlezi ezindaweni zaseZulwini, siMbuka enza lezizinto.

¹⁷³ Futhi singasuka kanjani kuleloZwi, siye enqubweni ethile na? Kwenzani na? Kuphika iZwi. Uzofanele wemukele ukuze wenqabe iQiniso, ngaphambi kokuba ube nephutha. Kunjalo impela. Uyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

¹⁷⁴ Ihora esiphila kulo, O Nkulunkulu, izwe liyahlakazeka! Nakho kulenga kwizilengisi, amabhomu, nakho kulenga into ukwenza ncamashi nje.

¹⁷⁵ IBandla selilungele. Linanyatheliswe ngophawu ngaphakathi lilungele ukuza. Kuzoba nokuthululeka okukhulu kukaMoya, yebo, mnumzane, ukubamba ngokushesha leloBandla nokuLithatha lingene ezibhakabhakeni. Impela. Ngoba, niyabo, iBandla, iZwi, uMlobokazi...Futhi, uKristu, inkonzo yaKhe ikuMlobokazi waKhe, okunguMzimba waKhe, uMzimba wasezulwini, noma ngiqonde ukuthi, u—uMzimba ongaphezu kwemvelo waKhe lapha emzimbeni womoya emhlabeni, uMoya waKhe uphakathi lapho uphila ukuPhila kwaKhe khona ngqo, kuze kuthi Yena neBandla bebamunye emshadweni. Niyabo, babamunye. Uyabathatha, abancane nje ngesibalo ezinsukwini zokugcina.

¹⁷⁶ Futhi khona-ke zonke lezozintombi ezazilele, phansi kwedlule onyakeni, zonke zavuka, niyabo. Manje, lokho kusemlindweni wesikhombisa, unyaka webandla lesikhombisa, owokugcina, isikhathi sokuphela, iLawodikeya, ekupheleni, lapho nje iqembu elincane labo lingena phakathi. Kodwa, liletha konke ukuvuka kwabo bonke labo abafa eminyakeni yabo, baphila kuleloZwi elamiselwa ngaphambili nguNkulunkulu futhi lashunyayelwa ukuba lenzeke ngalolosuku, lapho sihamba sedlula kuleyominyaka yebandla futhi sibone lona impela iZwi elizohlangana nabo ngalesosikhathi; ukuthi uLuther waphakama kanjani, ukuthi sikuthola kanjani, onyakeni kaLuther, kwaphuma isilo esinobuso obufana nobomuntu kuso, futhi kwaphuma, okwakungu “mguquli,” okusho *indoda*. Futhi, lapho, yonke iminyaka, ngamunye wahlangana ncamashi ngokwezidingakalo zeZwi likaNkulunkulu.

¹⁷⁷ Futhi kanjalo nalonyaka uzohlangana ncamashi nesibonakaliso nesimangaliso nento uNkulunkulu ayethembisa ukuyenza kulolu izinsuku zokugcina. Futhi iBandla qobo lwaLo

lizolungela futhi lizoya ohlwithweni noJesu, ngoba, “Semukela umbuso ongenakuzanyazanyiswa. Awunakunyakaziswa. Kodlula amazulu nomhlaba, kepha loMbuso awusoze wedlula.” Amen. Ngiyajabula ukuba, kulobubusuku, amen, kulobubusuku, kulowoMbuso. Anijabuli ukuba kuWo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] O, he, ukuba seMbusweni, Lowo!

178 Cabanga nje, yini obungazithembisa yona namhlanje na? Kweminye iminyaka eyishumi kuya kweyishumi nanhlanu, uma umhlaba uyoma, uma ungakumeli lokho, wonke umuntu eShreveport, wonke owesifazane, uzodingeka apha the isibhamu, emgwaqeni, kanye nawe, ephaketheni lakho, ukuze uzivikele. Izixhwanguxhwangu! Uzokumisa kanjani na? Kuzame. Awu, konke . . .

179 NgangiseNew York, ngelinye iviki. Futhi ngehlela ezansi ngadubula lapho, amamayela, kwakungelutho ngaphandle kwezixhwanguxhwangu zenjane namacici endlebeni yayo, nezinwele ezikanywe zabhekiswa emuva, zigqoke amalegotard, namantombazane namabhikini amancane, bakubiza kanjalo, ewagqokile kanjalo, phandle esitaladini. Futhi umphakathi uzodingeka ubanikeze ilungelo lendlela. O, yini indaba ngalelizwe na? Kungenxa yokuthi yi—yisibonakaliso sokubola kokuziphatha kahle, isizwe esilahlwe nguNkulunkulu. Yilokho kuphela.

180 Ungakha kanjani phezu kwamalahle amanxiwa athile kanjalo na? Uzokwenza kanjani, lapho izixhwanguxhwangu zihamba emgwaqeni futhi zidubula yena kanye uMongameli aphume emotweni yakhe na?

181 Futhi ngobunye ubusuku, indoda yehhotelana labahamba ngomgwaqo, ibheke amarakhethi nakhokonke, yahamba ngqo yangena nje futhi yagxuma ngaphambi kombutho wamaphoyisa aseTexas nangaphezu kwekhulu nokuthile emi lapho, yahamba yaqonda phakathi; futhi wonke umuntu eyibuka, yahosha isibhamu sayo yadubula indoda yayibulala ngonya, futhi yaphuma. Iyoziphendulela ecaleni ukuthi “iyahlanya,” futhi iphume ikhululeke.

182 Edolobheni lakithi ngqo, indoda yaqonda ngqo egaraji, ngolunye usuku, esigungwini esincane sebhizinisi, futhi yathatha i—i—indoda eyayi—yingumthengisi wezimoto. Yayingamthandi, futhi yakhipha isibhamu yadubula, kane noma khalanu. Futhi yathi yayihlanya; bayidedela yahamba. Uma kungu “buhlanya” kuphendulelwa ecaleni ngaleyondoda, khona-ke futhi u-Oswald naye wayenethuba, wayefanele abe nethuba lokuziphendulela ecaleni ukuthi uyahlanya.

183 Kuyini, nokho na? Niyabona ukuthi kukuphi, yonke into isigejane esikhulu sokonakala! Yonke into inecala, nezwe lonke

limi linecala, nebandla limi linecala phambi kukaNkulunkulu. Amen. Akumangalisi sihlakazeka!

Asikhuleke.

¹⁸⁴ Nkosi Nkulunkulu, nakhu lapha sikhona. Ihora lilapha, Baba. Kungahle ukuba isikhathi sesedlule kunoma sicabanga. Mhlawumbe inkohlakalo isingene kakhulu, futhi inkumbi kade idla, nenkasa, kuze kuthi konke ukuPhila akusekho. Ngiyakhuleka kuWe, Nkosi, ukuba ube nomusa. Siphe, Nkosi, uma kukhona owesilisa noma owesifazane, umfana noma intombazane, eBukhoni manje, ongaKwazi, ukuthi bazokwemukela Wena khona manje, Baba. Kungahle kube yigama lokugcina eliyoke liye eNcwadini, liphuma eShreveport.

¹⁸⁵ Futhi sisakhothamise amakhanda ethu. Ngabe lowo muntu lapha ubengasiphakamisa isandla sakho, uthi, “Mfowethu Branham, ngenisekile ngokuphelele ukuthi lokho okushilo kuqinisele. Izwe liyahlakazeka, futhi semukela uMbuso ongasoze wahlakazeka. Futhi, njengami nje, angiqinisekile ukuthi ngabe ngikulowoMbuso, noma qha.”

¹⁸⁶ Ungathembeli ekutheni uke waba nohlobo oluthile olusetshenziwe lwamadlingozi. Ungathembeli ekutheni uke wakhuluma ngezilimi. Ngiyakholelwa kulezozinto. Impela, ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi. Kodwa ngibeziwile odeveli bekhuluma ngezilimi futhi benikeza incazelo kukho, bebhala ngezilimi ezingaziwa, abathakathi, niyabo. Angeke wedlule ngakulokho.

¹⁸⁷ Kodwa uma ukuPhila kukaJesu Kristu kukuwe, Kuyochitha impilo yaKho yonke, kukholwa yiLonke iZwi likaNkulunkulu. Ngoba, Angeke aziphike Yena uqobo, UyiZwi.

¹⁸⁸ Manje, uma EyiZwi, futhi Ekuwe, futhi khona-ke uthi, “Awu, Mfowethu Branham, ngiyakutshela, angeke nje ngikuthathe Lokho. Angikukholwa Lokhu, lezizinto ezalolusuku,” futhi lapha Kuthenjiselwe lolusuku, o, mfowethu, ukhohlisiwe. Umoya othile ungene phezu kwakho futhi wakukhohlisa.

¹⁸⁹ Nenekazi, uma wena, noma ndoda, noma ngabe ungubani, uma lezozinto eziyizo ngempela, eziyizo ngempela eZwini, uJesu Kristu azifela; kungesikho nje ukuba nebandla noma ukuba neqembu elinamadlingozi, kodwa ukuba neqembu elinoMoya waKhe, uhlala kuYe; uMlobokazi waKhe, iZwi laKhe liphakathi lapho, lonke iZwi liqinisele. Futhi uyazi ukuthi Alisebenzi ngawe ngaleyondlela, uyazi kunezinto, eBhayibhelini, ongeke nje ukholwe ukuthi zinjalo; futhi ufuna ukukhunjulwa emkhulekweni na? Manje onke amehlo evaliwe, lonke ikhanda likhotheme, ngiyazibuza, uma ngalelihora eselehuzile lapho . . .

¹⁹⁰ Kungahle ukuthi cishe sesedlule isikhathi sokuzwa, niyabo, ngoba kuzofika isikhathi esinjengaleso lapho uMoya

kaNkulunkulu uyobe sewuthathiwe emhlabeni, angeke usaba khona. IBandla lizohlala isikhashana, kunjalo, lishumayela, ngoba lizofanele lishumayele kwabalahlwe Phakade, njengoba nje yonke inkonzo yakwenza, yehla idabula onyakeni. Ingxenywe yokugcina yayo yonke inkonzo ishunyayelwe kwabalahlwe Phakade. Futhi kuyoba khona inkonzo manje eyoshumayela kwabalahlwe Phakade emuva kokuba sebenqabe ukuLemukela.

¹⁹¹ Kodwa uma kusabonakala kunenhlansi enhliziyweni yakho, ukuthi ubungathanda ukuba noKristu kuwe, nalolonke izwe lifile, ubungasiphakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhumbule emkhulekweni, Mfowethu Branham.” INkosi ikubusise. Yebo, yebo, izandla eziyishumi noma eziyishumi nanhlanu. Engaba khona omunye ngaphambi kokuba sikhuleke na? Manje silungiselela ukuvala, cishe emizuzwini emibili noma emithathu. UNkulunkulu akubusise, nenekazi.

¹⁹² Cabanga nje ngakho, cabanga, cabanga ngakho, kungathiwani uma kungaba leyithi kakhulu na? Ubungathini ukuba ubungumuntu wokugcina Abeyoke angqongqoze emnyango na?

¹⁹³ Liyahlakazeka, siyakwazi lokho. Angeke wahlala lapha, lokho yinto eqinisekile. Angeke wahlala lapha. Uyahamba. Kumake nje, uyahamba. Futhi uma u . . .

¹⁹⁴ Musa ukusetshenziswa nje. Ungathi, “Ngiyasonta.” Uzoqiniseka ngaLokho. Uma uKristu engakushiya, kuwe, uze u . . . yonke ingqondo yakho, inhliziyo, umphefumulo, umzimba.

¹⁹⁵ Wena, uthi, “Awu, ngicabanga . . .” Awunamcabango ozayo, mfowethu. Mawube kuwe umqondo owawukuKristu! “Ngicabanga ukuthi izinsuku azifanele ukuba zibe . . . Ngicabanga ukuthi *lokhu* akufanele kube njalo. Ngicabanga ukuthi iZwi alisho khona *lokhu*.” Asinawo umcabango ofikayo.

¹⁹⁶ Uma umqondo kaKristu ukuthi, khona-ke sizoliqonda leloZwi ukuthi liyiQiniso, futhi Liphila ngqo kithi. Angeke walivimba, NguKristu!

¹⁹⁷ Khipha ukuphila emvinini wekhabe ukufake futhi ukufake emvinini wethanga, lizothela amakhabe. Angeke walivimbela kukho, ngoba ukuphila kukulo.

¹⁹⁸ Futhi uma—futhi uma uthi, “Awu, angikukholwa Lokho, i—iZwi lapha,” khona-ke lokho akusiwo uMoya kaKristu. Niyabo, kukhona omunye umoya kuwe.

¹⁹⁹ Ngabe ukhona omunye ngaphambi kokuba sikhuleke na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nawe, wena. Yebo, kuhle lokho. Manje, omunye umuntu, umzuzwana nje manje. UNkulunkulu akubusise, mfo osemncane. Wena, nenekazi elincane. Wena, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, nawe. Kulungile, ngabe ukhona omunye na? UNkulunkulu akubusise, emuva lapho.

200 Ungesabi manje. Ungabi namahloni manje. Kusasa ebusuku kungahle ukuba sesedlule kakhulu isikhathi. Niyabo? Kungahle kube kube kulobubusuku leyonhliziyo iyeka ukushaya. Kungahle kube yilobubusuku oLenqaba ngabo, isikhathi sakho sokugcina.

201 Bangaki phakathi lapha abangenawo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, phakamisani izandla zenu, niyazi ukuthi—ukuthi aninaWo na? He! Yileyondlela ongena ngayo. UMoya oNgcwele nguKristu. Yileyondlela obekwe uphawu ngayo eMbusweni, kwabase-Efesu 4:30, “Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa ngawo uphawu kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu.” Futhi uma u—futhi uma unemicabango yaleliBhayibheli, ukuthi Alisilo iqiniso, khona-ke umoya kuwe awusuye uKristu, ngoba uKristu uyiZwi.

202 Kukhona uMbuso ongenakunyakaziswa, lelo yiZwi. Lowo nguMbuso ongenakunyakaziswa. “Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze.” Uma iZwi likuwe! “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini; celani enikuthandayo, nizokwenzelwa khona. Imisebenzi engiyenzayo Mina,” uJohane oNgcwele 12, 14, “imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza; ngisho engaphezulu kwalokhu, ngokuba Ngiya kuBaba. Kuseyisikhashana, nezwe angeke lisaNgibona; nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe ngisho kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.”

203 Bhekisisani ukuthi wawuyini imisebenzi yaKhe, nibone uma ibuyiselwe kithi ezinsukwini zokugcina. NiLenqabile na? Ezweni lonke! Futhi izwe liphinde liyahlakazeka futhi, kuloKhisimusi, njengoba kwakunjalo ngalowoKhisimusi.

204 Baba wethu waseZulwini, bekukhona izandla eziningi eziphakanyiswe lapha kulobubusuku, mhlawumbe amashumi amathathu noma amashumi amane, kuleliqembu elincane labantu, eziphakamile kulobubusuku, okungukuthi bebazi ukuthi bebengekho nje lapho abebefanele babe khona. Bebayazi ukuthi Awuhlalanga kubo, esiLinganisweni. Abanye, mhlawumbe into ethize eBhayibhelini, bathi, “Ngivele nje... ngi—ngi—ngiyakwemukela ngoba ngi—ngiyacabanga nje mhlawumbe bengifanele.”

205 Kodwa, Nkosi, Wethembisa ukuthi Uzoba yiZwi, futhi uyiZwi. “Futhi Ngiyakuza kini, futhi Ngizazise kini, futhi Ngizenze ngaziwe kini.” Sithola ukuthi izinqubo zaKho, inqubo yaKho, ayiguquki.

206 Ngenkathi UFika eTestamenteni eLidala, Wathi, “IZwi lafika kubaprofethi.” Futhi ngenkathi Likwenza, baprofetha futhi Lafezeka, ngoba KwakunguNkulunkulu.

207 Manje siyaqonda ukuthi ngenkathi Usithuma, futhi usiyala ukuba siye ezweni lonke nokuthi senze abafundi, futhi Wena wathi, “Uma Yena uMoya oNgcwele esefikile phezu

kwenu, Uzoletha lezizinto eNginifundise zona, enkumbulweni yenu.” Lokho, futhi! “Futhi uyonikhombisa izinto ezizayo.” Noma kunjalo! “UNkulunkulu, endulo nangezindlela eziningi wakhuluma kobaba ngabaprofethi; kulolu izinsuku zokugcina ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu.” UMoya oNgcwele qobo lwaWo, uyeza, uMambuli weZwi elilotshiwe, noMkhombisi wezinto ezizayo! Wathi, “IZwi likaNkulunkulu,” kumaHeberu 4, “libukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili, uMahluleli wemicabango osenhliziyweni.”

²⁰⁸ Futhi eyisoni nendoda yebandla, namhlanje, ingahlala futhi ikubone Wena wenza okufanayo, futhi iKubize ngomoya *omubi*, njengoba benza ezinsukwini ezedlule. “Uma bebiza iNkosi yendlu ngo ‘Belzabule,’” futhi siyakubona.

²⁰⁹ Nkosi, Nkulunkulu, yini enye esingayenza manje na? Kukhona izinhliziyi ezilambile lapha eziphakamise izandla zazo. Zithathe khona manje, Nkosi, gwalisa inhliziyi ngayinye ngothando lwaKho. Siphe khona.

²¹⁰ Futhi sisakhothamise amakhanda ethu. Uma nina eniphakamise izandla zenu ningathanda ukuza ngapha ngasemsamo lapha, ninga—ningasehlisi, niyabo. Lomzuzwana olandelayo nje manje, sukumani ngqo, masinyane impela, futhi nize lapha, nime nje. Lobu kungahle kube ubusuku enemukela ngabo uMoya oNgcwele.

²¹¹ Bangani, bukani, lokhu angeke kuhlale njalo. Khona, kuzophela. Kuyaphela khona manje, futhi kungenzeka ukuthi sekuvele kuphelile. Kepha inqobo nje uma uzama ukufisa ukufika kuKristu, khona-ke lapho ngempela kukhona okuthize lapho, nokho, okukudonsayo ngaleyondlela.

²¹² Angeke nize manje futhi nime khona lapha nenzele umkhuleko na? Nina enifisa ukukwenza, ningahamba nikhuphuke nizungeze i-altare, umzuzwana nje, ngenkathi sisalokhu sisakhothamise amakhanda ethu. Manje abantu bayakhuphuka ngqo. Kunjalo, khuphukani nizungeze i-altare. Nithi, “Izwe liyahlakazeka, angifuni izwe kimi. Ngifuna uMbuso kimi, lowo ongeke uhlakazeke.”

²¹³ UJesu wathi, “Akukho okuyolahleka. Ngiyokuvusa futhi ngezinsuku zokugcina. Yebo, Ngiyokuvusa.” Wathembisa, ngakho-ke angeke uhlakazeke. UNkulunkulu uzolivusa. Angikhathali ukuthi kuyini, Uzolivusa.

²¹⁴ Benazi ukuthi akukho lutho olungashabalaliswa ngumuntu na? Ayikho into engashabalaliswa. Wena uthi, “Uthini ngomlilo, uma ushisa okuthile kuphele nye na?” Akukushabalalisi. Ngama-atomu nje phakathi lapho ehlakaza lawomakhemikhali, bese uthola ukushisa kuwo. Kubuyela emuva ngqo esimweni sakho sasekuqaleni, indlela esasiyiyo ekuqaleni; ama-asidi, amagesi, nokukhanya, nokunye nokunye, njengoba kwakunjalo. Angeke washabalalisa lutho. Uma—uma izwe lime isikhathi

eside ngokwanele, kungahle kuphinde kubuye kwesinye isiqephu sephapha, noma esinye isihlahla, noma ngabe yini oyishisayo. Niyabo, ungeke ukushabalalise. UNkulunkulu ukwenze kanjalo.

²¹⁵ O, angeke uyishabalalise indalo kaNkulunkulu, kunjalo impela, ngakho-ke Angavusa kakhulu kangani lokho Akuthembisile!

²¹⁶ Angeke uze na? Bangaba khona abanye manje na? Kukhona iqembu elincane lapha, akusiyo ingxenye yalabo abaphakamise izandla zabo. Ngicabange ukuthi benikuqondile ngempela ngenkathi niphakamisa izandla zenu, kakhulukazi eMlayezweni onjalo.

²¹⁷ Bangaki kini phakathi lapha, manje namakhanda enu ekhotheme, owazi lokhu, ukuthi nimbonile uNkulunkulu egcina isithembiso saKhe, khona lapha ngaphesheya kwalomsamo, futhi uyazazi izimfihlo zenzliziyo na? Kanye, akakaze nakanye ake Asho noma yini ngaphandle kwalokho okwenzekile. Niyazi lokho yiqiniso. Emihlanganweni, yonke indawo, khona impela nje uJesu Kristu akwenza ngenkathi Wayelapha emhlabeni, Ukwenzile futhi. Niyakwazi lokho. Niyakwazi lokho. Bengicabanga ngokuphilisa kwaKhe.

²¹⁸ Emavikini amabili edlule, ngaphambi kokuba ngiye eNew York, kwakukhona inenekazi elingenayo linomdlavuza emphinjeni. UMoya oNgcwele wakhuluma kulo, emhlanganweni. Lapha lalilapho, ngeSonto, nomdlavuza esiqeshini sendwangu, laliwukhwehlelele waphuma. Odokotela bawubuka, futhi bathi, “Ukuphila kuphumile emdlavuzeni, futhi uvele wadedeleka.” Futhi liwukhwehlelele waphuma.

²¹⁹ Futhi elinye lalinomdlavuza ezindlaleni zebesifazane. Futhi lalinawo lapho, nesithombe esikhulisiwe, nesitatimende sikadokotela nawo. Laliwuchamile, ezinsukwini ezimbili kamuva.

²²⁰ Umfo omncane emile lapho, owayengenankumbulo, kusukela—kusuka ezinyangeni nezinyanga nezinyanga. Wayewile futhi walimala kwingemuva lekhandla lakhe. Wayengazazi ngisho nokuthi wayengubani noma ukuthi wayekuphi. Ngezwi nje lomkhuleko, nokubeka izandla kuye, ngathi, “Ubani igama lakho na?”

Wathi, “Billy Dukes.”

Ngathi, “Uneminyaka emingaki na?”

Wathi, “Ngineminyaka eyisishiyagalolunye ubudala.” Wathi, “Ngikuphi na?”

²²¹ Amandla kaNkulunkulu! Ngifisa sengathi ngabe beninami eColorado, emavikini ambalwa edlule, ngenkathi okuthize kwenzeka obekuyonishukumisa, ukwazi ukuthi kwakuyini. Sisesikhathini sokuphela, mngani.

Musa, ungabe usakususa lokhu. Woza. Uma ekhona omunye lapha, khuphuka. Uzokhuphuka na? Uzokuza na?

²²² Manje, uma ungezi, niyabo, a—angeke, ngi—ngi—ngi—ngi. . . Konke engingakwenza ukunitshela iQiniso nje, niyabo, khona-ke kukini. NjengoNowa, wangena, umkhumbi wavaleka ngemuva kwakhe, akwenzekanga lutho isikhashana; kodwa izwe labhubha ngaphandle, futhi izwe laqhubeka ngokuphila ngokufanayo nje. Niyabo?

²²³ UPilatu wahamba waqhubekela phambili, emva kokuba esebethele uJesu. Ngizoshumayela ngalokho, ebusukwini obumbalwa, “igazi ezandleni zakho,” iNkosi ithanda.

Qaphelani manje, ngabe ukhona omunye, ngaphambi kokuba sivale na?

²²⁴ Manje ngizocela abesifazane nabesilisa abazinikele ngempela, owazi uNkulunkulu, ukuba ehle futhi ame lapha futhi abeke izandla phezu kwalababantu. Lokhu kungahle kube yisikhathi sokugcina ukuthi bayoke baphinde balithole lelithuba. Abanye benu bantu abazinikele abamaziyo uNkulunkulu, yenyukani futhi nime nalababantu. Banamakhadi aphinki kubo, cishe bonke, lokho kusho ukuthi banjalo, bayizihambi phakathi kwenu. Ngicabanga ukuthi kunjalo. Woza ubeke izandla zakho phezu kwabo. Abanye bamalunga eLife Tabernakele, wozani lapha. Abanye benu bazalwane phezulu lapha nifuna ukuza na? Wozani, leli yihora. Ani—anikuthandi lokhu, bantu na? He! Kuphi ukushisekela kwethu na? Iphi into yethu ethize esenza sihambe siqhubekele phambili na? Yini inkathazo na?

Manje uma izethameli zizolinda umzuzwana nje, kulomkhuleko.

²²⁵ Nina bantu enimi lapha, manje bukani, ningethembeli emadlingozini athile, nakuba kunamadlingozi kuKho. Ungathembeli ekutheni uzokhuluma ngezilimi, noma qha. Ungacabangi lutho ngakho. UNkulunkulu uzokunakekela lokho, niyabo. Cela uJesu Kristu ukuba angene empilweni yakho futhi azenze aphile Yena uqobo kuwe. Awufuni eminye imicabango eminingi engeyakho uqobo. Ufuna imicabango yaKhe. “Mawube kini lowomqondo owawukuKristu.” O, lokhu yi. . .

²²⁶ Lokhu, awu, uzozwa lezizinto okokugcina, kanye. Manje bukani, ngifuna zonke izethameli ukuba nime ngezinyawo zenu, laphaya. Manje, nina bantu abathandekayo enikhuphukela lapha nenzela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, kusasa ukuBonga, akukho ukusebenza kusasa. Lona ngumphefumulo wakho, mfowethu, dadewethu. Lesi yisiphetho sakho saPhakade. Lokhu, kuphakathi kokuthi kumanje noma akusoze. Futhi inqobo nje uma uzwa lokho kudonsa okuncane! Futhi cabanga nje ngalamaQiniso, alele ngqo phambi kwethu. Ningabi

ngabafile kulezozinto, bafo. Kuyikho ngempela. Kufakazelwe, ngempela, kuphelele ngaso sonke isikhathi. Futhi yiZwi, eliqinisiwe!

²²⁷ Ngibuka indoda emi khona lapha. Angisalazi igama layo. Ngikholwa ukuthi nguBlair, uMfundisi Blair. Ngenkathi ngangingale eHot Springs, lapha kungekudala, ngaphakamisa phandle lapho ezethamelini, leyondoda ihlezi lapho, nomoya omubi wawuzama ukufinyelela kuleyondoda, ukuyenza ingingabaze. Manje bhekisisani ukuthi kwenzekani. Ngathi, “Ungahle ungidinge ngesinye isikhathi, uyabo.” Kwakungesikho nje kodwa amaviki ambalwa nje edlule kwaze kwathi umkakhe wangibiza, indoda yayifa. Niyabo?

²²⁸ Futhi indoda yemukela, yayazi-ke ukuthi kwakungudeveli ezama ukuyithola ukuba ikholwe ukuthi Kwakulohlobo oluthile lwehlaya ngokukhohlisa noma okuthize. “Kodwa wayengakwazi kanjani lokho na?” wacabanga. Ngakho ngakho-ke yena... Ngomkhuleko saxosha omubi kuye.

²²⁹ Futhi khona-ke emavikini ambalwa edlule, niyabo, uSathane wayazi ukuthi lesosikhathi sasiza, lapho ayeyobe elele khona nokuvuvukala ohlangothini lwakhe, ngikholwa ukuthi umkakhe washo, noma okuthize, enomkhuhlane omkhulu, ehema ekhanda lakhe; kungaziwa ukuthi kwakuyini, ukutheleleka okuthile ohlangothini lwakhe, kuvuvukalisa izinhlangothi zakhe. Futhi umkakhe omncane wangishayela ucingo eTucson. Ngathi, “Dadewethu, unalo iduku na?” Ngikholwa ukuthi wayenokuthile okunye lapho, isikhafu esincane noma okuthize. Ngathi, “Ngi—ngiyakubona. Thatha lokhu ukubeke kuMfowethu Blair, eGameni leNkosi uJesu.” Futhi wayemcelile ukuba eze azoshaya ucingo.

²³⁰ Kwakungathiwani ukuba uSathane wayephumelele futhi wamenza wangakukholwa, futhi azi ukuthi kwakulapho na? Ubengeke ame lapha kulobubusuku neBhayibheli lakhe phezu kwenhliziyo yakhe. Niyabo?

²³¹ NguSathane ezama ukukwenza ungakukholwa Lokhu. Kunjalo. Ungakulaleli. Khumbulani, “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Niyabo, lezizinto zifakazelwe kanjalo.

²³² Manje makuthi sonke nje, nina lapha e-altare, masiphakamise izandla zenu nje, futhi sithi, “Nkosi Jesu, ngisize khona manje,” ngamunye ekhuleka.

²³³ Baba wethu waseZulwini, sihlangene lapha, O Nkulunkulu, kuphakathi kokufa nokuphila, ngalalabantu abamile lapha. Makuthi uMoya oNgcwele ungene empilweni yabo njengamanje. Kwangathi aMandla kaNkulunkulu angeza, abakhuphulile bazungeza leli-altare, kwangathi Angeza kubo ekuvukeni kukaKristu, futhi azobanika lokho kuPhila okukhulu okuPhakade lokho abakufunayo. Nkosi, amabandla

yonke indawo ayafa, amanzi akomoya abonakala esuswa emhlabeni. Futhi ngenkathi kusekhona ithuba lalababantu ukuba beze ngaphansi koMthombo, baphe, Nkosi, ukuthi imiphefumulo yabo eyome-nkwe, kulobubusuku, elambile neyomele uNkulunkulu, kwangathi ingagcwaliswa ngoMoya oNgcwele khona manje. Siphe khona, Nkosi. Makuthi izihawu zaKho nomusa kube phezu kwabo.

²³⁴ Manje nje—nje gcina ikhanda lakho. . . qhubeka ukhuleke, qhubeka nje ukhuleke. Wonke umuntu, niyabo, qhubekani nje nikhuleke. Ngiyanikhulekela. Ngizokwenza konke engingakwenza, kodwa angeke ngininike uMoya oNgcwele. UNkulunkulu uzofanele akwenze. Bukani, bumbani uKristu phambi kwenu ngqo, engqondweni yenu. Bukani phandle lapho futhi nibone uma nibona uKristu phambi kwenu, njengoba nivala amehlo enu. Khona-ke hambani niye kuYe ngqo, futhi nithi, “Nkosi Jesu, ngilapha. Wena nami sizoba munye, kusukela kulokhu kuqhubeke. Ngizothatha lonke iZwi Ongitshela lona kulobubusuku.” Manje hlalani lapho nje, yibani nilokhu nihlezi, uma nihlala kulobubusuku, kusasa, ngosuku olulandelayo, hlalani nje kuze konke kwedlule, khulekani, nikholwa ukuthi uNkulunkulu uzonigcwalisa ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele.

²³⁵ Woza lapha, Don, bahole ngomkhuleko. UNkulunkulu akubusise, Don.



IZWE LIPHINDE LIYAHLEKAZEKA FUTHI ZUL63-1127
(The World Is Again Falling Apart)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesithathu kusihlwa, ngo Novemba 27, 1963, eLife Tabernakele eShreveport, eLouisiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2021 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org